Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| | | |
| 3. *Umshado* | 35 | 11 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 14 |
| | | |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 17 |
| | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 20 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'Wakubona Wakubeletha' | 17 | 23 |
| | | |
| 7.2 'Uxolo' | 18 | 24 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Izimomondiya' | 18 | 26 |
| | | |
| 8.2 'Komile Geqe' | 17 | 28 |

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

'Kodwa usho ukuthi uSandanezwe yena wayengahamba kanjani engasambonanga uNokulindela? Wayengakwenza kanjani nje nempela lokho?' 'Angazi nami mama, angisho ukuthi ngizweni kodwa ngishiso yindlela adlula esejahe ngayo kwalapha ekhaya. Angikholwa-ke impela ukuthi wabe esadlula kwaHlazakazi.' 'Cha uyobe wenze iphutha impela, okungenani kwakufanele amane athume wena.' 'Yiqiniso khona mama kodwa-ke wayengalenza lelo phutha ngoba ingqondo yakhe yayibukeka ididekile impela. Nokho sengiyozama ukumchazela uNokulindela uma sithuke sidibana.' 'Uyobe ungenzi lona nelincane iphutha kulokho ngane yami ngoba lokhu okungamaxila kaNokulindela sekungase kusizakale uma kuyizwe kuqala le ndaba kamfowenu.' 'Lisho uliphinde lelo mama. Nokho asethembe ukuthi nakuye umntakababa sekuyoba **ngozimakhaza**.' 'Akukho okunye okwedlula ukuthembela emadlozini ngane yami. Sesiyozwa ngaye nokho ngokuhamba kwesikhathi, kodwa ngiyazethemba izinyanga zakithi. Khona bekungakabi kubi kangako, mane nje nathi sesiyethuka.' 'Kunjalo khona mama uqinisile, sesabulawa yikho ukuba netwetwe noma kungafanele.' Emuva le eBaqulusini akwaziwa ukuthi kazi Sandanezwe ndini wahamba kanjani kodwa banethemba lokuthi uzobathinta kwazise nezinsuku zisezimfushane ehambile. Munye kuphela umuntu uSandanezwe ehluleka ukumazisa ngohambo lwakhe, nguNokulindela ingoduso yakhe.

1.1 Wayehlalaphi uNokulindela? (1)

1.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza ukuthi uSandanezwe ahambe aye enyangeni engasambonanga uNokulindela? (1)

1.3 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo kulesi siqeshana kusuka emgqeni wesi-4 kuya kowe-10. (2)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **sekuyoba ngozimakhaza**, kulesi siqeshana sisho ukuthi …

A Uzolulama.
B Uzogula
C Uzoshona.
D Uzoshada. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.5 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.5.1 UZabalaza | A UMkhumane |
| 1.5.2 UNdebele | B Inyanga |
| 1.5.3 UNonkamfela | C UNokulindela |
| 1.5.4 UMzulazula | D Umthandazi |

(4 x 1) (4)

1.6 Nikeza okufanayo phakathi kukaMbeje noMbuyisa? (2)

1.7 Uyavuma yini ukuthi uNtshingila ungumlingiswa omncane kule noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.8 Yiziphi izigameko ezenza ukuthi umnumzane ahlawulise uJiyane ishumi lezinkomo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.9 Ukuba khona kukaNonkamfela kule noveli kuzikhulisa kanjani izinkinga zikaSandanezwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Ngokubona kwakho kwaba yisenzo esihle yini ukuba uSandanezwe ashiye esibhedlela uma engaboni umehluko ekuguleni kwakhe? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'Noma ungangiqhoshela uthini kodwa ngiwubekile ugobisamashinga oyingculazi, ngiyoke ngizwe ukuthi kuyogcina bani.'
'Wena-ke ngikutshele ngoba ngiyabona ufuna ngikutshele ezikabhoqo namhlanje, ngisho kungathiwa sesisele nawe sobabili lapha emhlabeni ngingancamela **ukujendeva** kunawe.' 'Asazi, sizobona, kwamanje nanka aphahle umbombo, sizoke sizwe njengoba kuthiwa ukhukho lumuka nomoya nje. Ungisize ungezi kimi **namashwa** esifo, ngikuthanda usenguwe unjena nje ungenamnyama wesifo.'
'Sala muntu wabantu ngoba khona ngempela angazi ukuthi ngabe ngidakwe obunjani ngingaze ngiphephele kuwe. Khona engafa uSandanezwe njengoba ucabanga kungabe sekuphele izinsizwa yini? Ngikutshele-ke mina uSandanezwe lona nguyena oyoba nguyise wabantabami, futhi sengathi ngiyabona sesinesiqhimuqhimu somuzi wethu nosapho lwezingane egcekeni.' 'Asazi phela ukuthi niyobe niyibekephi ingculazi.' Nakuba uNokulindela engasheshanga wayikholwa into eyayishiwo nguZabalaza, kepha ukunyamalala kukaSandanezwe kwase kuqale ukumsolisa. Inkinga ayebhekene nayo eyokuthi wayengeke amqome uZabalaza ngoba wayezobe ezethukisa ngezwe. Enye into kodwa eyayifike imume du ukuthi uma elinda uSandanezwe, uzothini ukulinda umuntu ongasabhali, khona angathini mhlawumbe uselinde ibhokisi ngoba kuthiwa nengculazi leyo ayilapheki. Lesi simo samnciphisela ubuthongo uNokulindela. Wayeseze wancipha umzwangedwa ecabanga imihla namalanga.

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.11 Yiliphi igama uZabalaza abiza ngalo ingculazi kulesi siqeshana? (1)

1.12 UNonkamfela wayezimukela kahle iziguli zakhe. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (1)

1.13 Msebenzi muni owenziwa umlandi kule noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.14 Nikeza incazelo yala magama abhalwe ngokugqamile njengoba esetshenzisiwe kulesi siqeshana.

1.14.1 '… Ungisize ungezi kimi **namashwa** esifo …' (1)

1.14.2 '… ngingancamela **ukujendeva** kunawe.' (1)

1.15 Iyini inhloso yombhali yokuveza ubudlelwano phakathi kwalaba balingiswa: uNokulindela noSebenzile? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Chaza inkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu kule noveli. (2)

1.17 Ukuba wena wawungomunye wabomndeni kaNokulindela wawuyomeluleka uthini mayelana nalesi simo sokugula kukaSandanezwe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.18 Phawula ngamasu ahlukahlukene asetshenziswe ngumbhali ukwethula abalingiswa kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-C no-D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

'Ngabe sesikhona eGoli njalo?'
'Yebo! Uyabona-ke ukuthi kuhle kanjani.' Esho ehleka umfo kaMajola.
'Yebo! Ntangayamashinga. Abantu abaningi kangaka bavelaphi nje? Mh! Ngingaduka kakhulu lapha. Uthi ngoke ngikwazi ukuhamba ngedwa kule ndawo enkulu kangaka? Angiboni.' Asho umbone ukuthi usethuke sengathi usevele udukile ngendlela asehlahle ngayo amehlo.
'Hhayi! Uzoyazi le ndawo ngemuva kwesikhashana nje ntanga. Thina siyazihambela nje la edolobheni ngezimpelasonto. Yima isibindi, nakithina kwakunje sisafika lapha eGoli.' Amazwi amnika isibindi wachachamba ebusweni ethokoziswa ukuthi ngelinye ilanga uyena oyobe esesho kanje komunye kusasa esewumuntu waseGoli naye. Yahamba njalo-ke itekisi yaze yayobabeka emahositela lapho behlala khona laba bafana bangakubo eMsinga. Ngakusasa izinsizwa lezi ahamba nazo zavuka-ke, zamshiya endlini seziye lapho zisebenza khona. UManyoba esele yedwa uyacabanga: 'Yimi lo oseseGoli? Bonke abantu emakhaya abazi ukuthi sengiseGoli, bazocabanga ukuthi ngisemapulazini kanti **bashaye phansi**. Inkinga nje enginayo ukuthi angikwazi ukuphumela phandle ngoba angazi muntu lapha. Kambe bazongenzani uma ngiphumela emnyango? Ha! Kambe kukhona izigebengu lapha, yeka sezingibhokoda ngemikhonto yazo ekade yayibagwaza abantu. Habe! Sengikhohliwe ukuthi kufanele ngipheke ukudla. Kuphi kona? Hho! Nakhu. Angipheke …'

2.1 Babekuphi nendawo oManyoba njengoba bekhuluma kulesi siqeshana osifundile? (1)

2.2 Ngokwalesi siqeshana yini le uManyoba ayezofunda ukuyenza emva kwesikhashana? (1)

2.3 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo kulesi siqeshana kusuka emgqeni we-10 kuya kowe-15. (2)

2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **bashaye phansi**, kulesi siqeshana sisho …

A ukucabanga into okungeyona.
B ukuqambela abantu amanga.
C ukucabanga abantu bakini.
D ukuphupha into eyiqiniso. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.5 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.5.1 USimakade | A Wayeganwe uMaNgubane |
| 2.5.2 UMduduzi | B Inkosi yaseMachunwini |
| 2.5.3 UNtombela | C Umnini wepulazi |
| 2.5.4 UGeorge | D Uhlala eBergville |

(4 x 1) (4)

2.6 Bhala okufanayo phakathi kukaNgobese noDoda. (2)

2.7 Uyavuma yini ukuthi indoda eyafundisa uManyoba ukudlala iLotto ingumlingiswa omncane kule noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.8 Yiziphi izigameko ezenza ukuthi uManyoba nomkakhe bagcine sebehlala namadodana abo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

2.9 Ukuba khona kukaMaNene kule noveli kuzikhulisa kanjani izinkinga zikaMaNdlovu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Ngokubona kwakho isenzo esihle yini ukuthi uManyoba angawaniki lutho amadodana akhe efeni lakhe? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

'Namuhla elamanqamu, ngimfunge uMqhikiza kababa.' Yabe ukuqhamuka nje intokazi kaGatsheni, wasukuma wema ngezinyawo kwaphela konke ukucabanga ethatha ebeka kungekho mpendulo eshaya khona. 'Sawubona Gatsheni wami omuhle. Engabe ubugeza ngani, usuleke kahle kanje?' Yasho ixhawula insizwa yaseMachunwini. 'Yebo Macingwane! Angigezanga ngalutho. Mina ngigeza ngensipho kuphela. Usunesikhathi eside yini ufikile?' 'Yebo,' esho ehleka. 'Ngiyaxolisa, bengisenzela ubaba amasi. Uyazi-ke nawe ukuthi **umcaba** awugayeki masinyane uma ufuna ukwenza amasi amahle. Ubaba ungumuntu obhekisisayo. Awukwazi ukumenzela ukudla maqede uphume ngoba awazi ukuthi uzothi kunjani lokho kudla omenzele khona. Kufanele ancome kuqala anduba uye lapho uthanda khona,' kuchaza uNtombi. 'Waze ngani ukuthi ngila ngoba bengingakathumeli muntu kuwe na?' 'Ubonwe umfowethu ebuya kwamkhulu laphaya kuloya muzi. Uthe efika nje, wathi ngihlezi lapha wena kade ufikile. Ngazibonela nje nami ukuthi abantu abafuni abalamu babo bame isikhathi eside, kwasho ukuthi nami bengivele sengizoya emfuleni ngiyokukha amanzi.' 'Muphi pho umgqomo wamanzi wahamba ngezandla nje?' 'Ngiwubeke lapha eduze **nesiphethu**. Awuboni?' Basuka lapho baya ngasesiphethwini ukuze baxoxe ebe ekha amanzi uNtombi. Besahamba, ayiqale indaba aze nayo:

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.11 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyalibazisa uNtombi emva kokuzwa ukuthi uManyoba usefikile? (1)

2.12 UNtombi wayethembekile emshadweni. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (1)

2.13 Msebenzi muni owenziwa umlandi kule noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.14 Nikeza incazelo yala magama abhalwe ngokugqamile njengoba esetshenzisiwe kulesi siqeshana.

2.14.1 Uyazi-ke nawe ukuthi **umcaba** awugayeki masinyane uma ufuna ukwenza amasi amahle. (1)

2.14.2 'Ngiwubeke lapha eduze **nesiphethu**. Awuboni?' (1)

2.15 Iyini inhloso yombhali yokuveza ubudlelwano phakathi kwalaba balingiswa: uManyoba kanye nezinsizwa zangakubo eMsinga? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.16 Chaza inkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu kule noveli. (2)

2.17 Ukuba wena wawungunkosikazi kaMjwayeli wawuyomphatha kanjani ubabezala ngesikhathi esehlala nani? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

2.18 Phawula ngamasu ahlukahlukene asetshenziswe ngumbhali ukwethula abalingiswa kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-E no-F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

Kwathuleka endlini. Basuka babambana ngezandla uBheki noTholi bebhekene emehlweni ngqo. Wazizwa efudumala kancane uBheki, ethintwa ibele likaTholi. Wayibona leyo nto uTholakele wahlehla, wathi ukuhleka. 'Uhlekani Tholi?'
'Ngiyayazi into engiyihlekayo, khululeka nje wena. Ngibona sengathi kuzofuneka sibonane khona kusasa mngani wami.'
'Uqinisile angihambe. Kodwa-ke ngifuna usale ucabanga indaba yami. Imfushane nje. Ngifuna ukukushada masinyane. Umuntu engibone ngingashada naye nguwe Tholakele. Ngicela **ucabange ujule** ngale ndaba.' Washo la magama wasukuma uBhekani. 'Kulungile ngizocabanga Bheki. Wenzani umsebenzi wakho?'
'Nginguthisha.'
'Hawu, kanti usebenza kahle kangaka! Nami Bheki ngangifisa ukuba uthisha, pho-ke akuhambi ngezifiso zomuntu.' Kuthe uBheki esephuma ngomnyango, wacela ukuvalelisa ngokuqabula kuTholi. 'Akukho nkinga lapho Bheki.' Bathintanisa izindebe zemilomo yabo ngobukhulu ubunono. Akabange esama uBheki wafulathela inhliziyo yakhe ithe cosololo. Akazanga ukuthi ngakusasa kwakuzokwenzekani phakathi kwakhe noTholi. Wafika ekhaya unina eselele. Bathi ukuxoxa kancane. Waphuthuma ukuyolala uBheki. Wayejahe ukuthi kuse. Okwamxaka ukuthi iphupho likayise alibuyanga ngalelo langa, kodwa kunina labuya. Wacabanga ingxaki yalo muntu ofuna uTholi, akaze azi ukuthi uzokwenzenjani. Babonana futhi sebeya emsebenzini. Babejabule bobabili.

3.1 Babekuphi oBhekani ngesikhathi bebambana ngezandla kulesi siqeshana? (1)

3.2 Ngokwalesi siqeshana yini le okwakumele icatshangwe owesifazane owayexoxa noBhekani ngalolu suku? (1)

3.3 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo kulesi siqeshana kusuka emgqeni we-10 kuya kowe-15. (2)

3.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **ucabange ujule**, kulesi siqeshana sisho …

A ukucabangisisa ngokuthile.
B ukuqamba amanga.
C ukucabanga kancane.
D ukuphupha iqiniso. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.5 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| KOLOM A | KOLOM B |
|---|---|
| 3.5.1 Ubaba kaBhekani | A Uphenyo esibhedlela. |
| 3.5.2 UBhatomu | B Ufika ngephupho. |
| 3.5.3 Amaphoyisa | C Uzakhela izibhamu. |
| 3.5.4 UJazibomvu | D Uthanda ukulwa. |

(4 x 1) (4)

3.6 Nikeza okufanayo phakathi kukamama kaBhekani nomalume wakhe. (2)

3.7 Uyavuma yini kuthi unesi wasesibhedlela okwakulaliswe kuso uTholakele ungumlingiswa omncane kule noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.8 Chaza izigameko ezaholela ekutheni uBhekani alwe noBhatomu ngesikhathi beficana kwaTholakele. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

3.9 Ukuba khona kukaPamella kule noveli kuzikhulisa kanjani izinkinga zikaBhekani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Ngokubona kwakho kwakuyisenzo esihle yini ukuthi uBhekani afise ukushadelwa umfelokazi? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Angabe esakwazi ukuqhubeka nokukhuluma futhi uBheki. UTholi usegijimisa iminwe yakhe ngaphakathi emzimbeni kaBheki. Isiketshana lesi sesenyuke samshiya esezihlalele nje uTholi. Abone uBheki ukuthi uma engavumela imizwa le ngeke aze ayixoxe le ndaba yakhe. Acele ukuyochitha amanzi. Ahleke uTholi. Athi uma ebuya uBheki, ahlale kujana noTholi. Imdonse intokazi imsondeze kuyo. Baqabulane futhi. Acasuke uBheki manje. Usola sengathi uphuzile uTholi. Akazi noma ambuze yini. Cha, uthando lukaTholi luyamehlula. 'Manje uZenze ubabize kanjani laba bantu bami?
'Phela unqume yona leyo mali ababevumelene ngayo nabakithi.'
'Ngibone sengathi inkulu kabi imali abayinqumile.' 'Ingani bayikhokhe ngokushesha Bheki ebifuneka.' Athule uBheki. Usoliswa yile mpendulo kaTholi. Sengathi kuxetshulwa umkhomo lapha. 'Anginamali Tholi. Okwesibili ungakhohlwa ukuthi kukhona imali engakhipha ngayo uZenze ejele.' 'Phela leyo mali sathi iyokhokhwa uma usuyidinga sithandwa.' Athule uBheki. Abone ukuthi sengathi ayikho indlela yokuphunyuka kulo **noxhaka**. Noma usengathi uzama **ukugxuma** akusoze kwalunga. Iphupho likayise futhi selamxolela. Cha, akaqhubeke; kodwa uzocela imali yakhe ikhokhwe.
'Ucabangani manje Bheki?'
'Ngicabanga wena.'

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.11 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyenza ukuthi uBhekani asole sengathi oZenze bayamqola? (1)

3.12 ULindiwe wayemthanda ngokweqiniso uBhekani. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (1)

3.13 Msebenzi muni owenziwa umlandi kule noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.14 Nikeza incazelo yala magama abhalwe ngokugqamile njengoba esetshenzisiwe kulesi siqeshana.

3.14.1 Abone ukuthi sengathi ayikho indlela yokuphunyuka kulo **noxhaka**. (1)

3.14.2 Noma usengathi uzama **ukugxuma** akusoze kwalunga. (1)

3.15 Iyini inhloso yombhali yokuveza ubudlelwano phakathi kwalaba balingiswa: uSifiso noBhekani? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.16 Chaza inkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu kule noveli. (2)

3.17 Ukuba wena wawungumalume kaBhekani wawuyoya yini emshadweni womshana wakho nomfelokazi? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

3.18 Phawula ngamasu ahlukahlukene asetshenziswe ngumbhali ukwethula abalingiswa kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

DLAMINI: (*naye adumale kodwa ubuso bugcwale intukuthelo)* Hawu! Hawu! Ndabezitha, uyobe usuvulele amanzi uqobo. Ngempela ayongena abumanzise ubukhosi bakho futhi bugqwale. Emva kwalokho uyophenduka isithunzi sona esinomnyakazo kodwa ongenamsebenzi. Ndabezitha goloza okokugcina aze ashaye umthetho ophusile lo Hulumeni ngamandla enu. Angiphikisani nenkosi yami kodwa ngizama ukuyiqwashisa. Thina siyabuthanda ubukhosi bethu bendabuko. Kanti thina ma-Afrika siyosala nani okungeyethu? Okokuqala nje mina njengenduna ngingawenza lo msebenzi okuthiwa ufanele ikhansela.

SHANDU: Cha, nduna yami, yize noma ngingeze ngilinge ngilimise ngesihloko elokuthi ngiyakuphikisa, nami kodwa angifuni **ukuphuma iqhubu**. Angifuni ukubonakala njengenkosi elwa nemithetho kaHulumeni, yize kunjalo kodwa inhlonipho ngiyayidinga. Odabeni lwenduna eyenza umsebenzi wekhansela, angiboni bengakuvuma lokho osopolitiki ngoba bathi intandoyeningi ilungelana nabaholi abavoteliwe. *(ahleke)* He! He! Wena-ke wavotelwa ngubani?

DLAMINI: *(asineke ubala)* Ndabezitha angivoteliwe kodwa ngakhethwa nguwe. Angithi inkosi ingubaba wesizwe. Ubaba uyazikhethela izingane zakhe lokho abona kukuhle. Uma uNdabezitha eseshilo, lelo lizwi lingephikiswe. Nginamanga Ndabezitha?

SHANDU: *(anikine ikhanda, abuye ahebeze nangezandla)* Lutho Dlamini, akunjalo kule ndlela yokubusa kwanamuhla. Intando yeningi ayikuvumi lokho. Kepha ithi wonke umuntu unelungelo lakhe lokuzikhethela. Phela sehlulwa Dlamini. AbaMhlophe basehlula maqede basingxingxa ngokwabo yikho kunalokhu kungqubuzana kwemibono.

4.1 Wayenasikhundla sini uDlamini kule ndawo? (1)

4.2 Yini lena uDlamini aluleka inkosi uShandu ngayo ukuthi ingayivumi njengoba bexoxa nje? (1)

4.3 Ngokwalesi siqeshana yisiphi isizathu esenza inkosi uShandu ingahambisani nokuthi induna yenze umsebenzi wekhansela? (2)

4.4 Yini eyayidala ukungqubuzana phakathi kwezinhlaka zokubusa kulo mphakathi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

... kodwa angifuni **ukuphuma iqhubu** …

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho:

A Ukwenza okuhle.
B Ukwenza okuphambene.
C Ukwenza ihlazo.
D Ukwenza umthetho. (1)

4.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.6.1 UMfundisi | A Indaba isesicongweni |
| 4.6.2 Indikimba | B Unodlame |
| 4.6.3 Isixakaxaka | C UMazongolo |
| 4.6.4 UDlamini | D Ezombusazwe |

(4 x 1) (4)

4.7 Bhala umehluko phakathi komdlalo wokufundwa nomdlalo weshashalazi. (2)

4.8 Yiliphi iqhaza elibanjwe ngumlingiswa uMbandlwa kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

4.9 Kwaba namthelela muni empilweni kaDuma ukushona kukaMbandlwa? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.10 Phawula ngokubaluleka komuntu wesifazane ubhekise kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA H**

DLAMINI: *(Asukume uDlamini)* Ndabezitha! Ngizoqala ngokubonga uNdabezitha ngokungikhokhela ibheyili. Mina bengizoyithathaphi inkulungwane yamarandi? Ndabezitha nani bandla lenkosi, icala lokushaya ngiyaliphika ngima ngentaba. Ngithi, uMbandlwa ngamsikaza ngenduku maqede yena wagxuma wazishayisa echosheni lobonda lwekilasi. Okuhle kakhulu ngukuthi mina amadoda engangihamba nawo ayangifakazela. Yena akanaye ufakazi ngoba ikhansela lalingaphakathi ekilasini kanye nezethameli zomhlangano. Lihlehlile-ke icala. Liyoze lingene emva kwezinyanga ezintathu.

AMADODA: *(Kuzwakale ukuhhomuzela kwentokozo abanye behleka)*

SHANDU: *(Inkosi yelule isandla sakumhlalisa phansi uDlamini)* Hhayi-ke! Siyabonga Mzizi, ungahlala phansi.

DLAMINI: *(Ahlale phansi)* Ndabezitha!

SHANDU: Kunjalo-ke madoda. Mina ngeke ngimsole uDlamini ngoba leli khansela liyangeyisa. Lake lakubonaphi ukuthi umfokazana angamane abize umhlangano endaweni yenkosi engadlulanga enkosini?

AMADODA: *(Ahhomuzela)*

INDODA YOKUQALA: Uyagcwaneka lo!

INDODA YESIBILI: Yisizwe sakho lesi Ndabezitha. Singakufela lokho thina.

DLAMINI: *(Eqondise emkhandlwini)* Yehlisani umoya madoda! Thulani umsindo, uNdabezitha usakhuluma!

SHANDU: Mina ngiyasola uDuma usabambelele kulokhu okwenzeka ngesikhathi sodlame. Angithi ngikhuluma nje ungomunye walaba ababehla benyuka lapha endaweni yami. Begqugqzela ngenkani ukufaka leli dungabantu ababelibiza ngomzabalazo. Kuyaxaka-ke lokhu asekwenza manje ngoba kwabuye kwathelelwana amanzi. Mina angithandi ukubona abantu befa njengoba kwake kwenzeka. Kodwa uma ngingahlonishwa, nami angizuhlonipha.

4.11 Malini imali yebheyili eyakhokhwa ukukhipha uDlamini esitokisini? (1)

4.12 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphandle olwaba khona ngosuku lomhlangano owawubanjelwe esikoleni. (3)

4.13 Chaza iqhaza elibanjwe imiyalelo yokwenzeka enkundleni (stage directions) kulesi siqeshana somdlalo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.14 Ukufihleka kwesigameko sokuxoxa kukaMaShezi noMaNgema kummeleli uDuma kwaba namuphi umphumela kulo mdlalo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.15 Chaza uvuthondaba lwalo mdlalo ngephuzu ELILODWA. (2)

4.16 Uyavumelana yini nokuthi ukuya esikoleni kukaMaShezi kwaba nesandla ekuxazululeni inkinga eyayiphakathi kwenkosi uShandu nekhansela uDuma? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.17 Ukuba wawunikwe ithuba lokusebenza njengenduna yenkosi uShandu, yiziphi izinto EZINTATHU owawungazenza ngendlela eyehlukile? (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

SONTO: *(Useqala ukukhala)* Angifune mkhuleko, ngifuna imali mina mfundisi.
MFUNDISI: *(Esondela kuye.)* Ungakhali ndodakazi, uSathane lo okukhohlisayo. Ngakho-ke ungamvumeli. Kuzolunga ndodakazi, kuzolunga.
SONTO: *(Izinyembezi sezehla ngamandla.)* Bab'Mfundisi uSathane kade angiqala, seku-*late*, akasale eseyekwa angiqedele.
MFUNDISI: *(Esedabukile naye esegcwele izinyembezi emehlweni.)* Ndodakazi, asikhuleke mntanami. (*Waguqa ngamadolo*.)
SONTO: *(Ngezwi elinosizi.)* Angeke usangisiza umkhuleko baba, **sengibole kakhulu**. Empeleni kade ngazibolela.
MFUNDISI: Ndodakazi ...
SONTO: *(Akhulume uMfundisi engakaqedi ukukhuluma.)* Siphelile manje isikhathi sokukhuluma, sukuma uyongivulela isisefo. *(Asule izinyembezi ngengalo.)*
MFUNDISI: *(Ngokutatazela)* Angibange ngisayifaka esisefweni, ingale ekamelweni lami lokulala.
SONTO: *(Emqhuba ngesibhamu)* Asihambe-ke uyonginikeza.
MFUNDISI: Khululeka mntanami, kasikho isidingo sokungiqhuba. Ngizoyilanda imali.
SONTO: Shesha-ke, shesha. Siyahamba isikhathi. *(Asithele ekamelweni uMfundisi. Abuye emva komzuzwana esephethe isikhwama.)*
MFUNDISI: *(Emnika isikhwama.)* Nanso-ke imali ndodakazi. Engifisa ukukusho nje ukuthi yimali yegazi lena ngoba ibinikelelwe indlu kaNkulunkulu. Sengathi ungayithola intethelelo mntanami, ungavumeli uSathane a ...
SONTO: *(Eyithatha)* Mfundisi uma ngikushiya uphila mina sengingoboshiwe.
MFUNDISI: *(Ephakamisa izandla)* Awu! Ngiyakucela ndodakazi ungangibulali.
SONTO: Yikhona uzotshela ibandla namaphoyisa?
MFUNDISI: Cha! Ndodakazi lokhu kuzogcina phakathi kwethu sobabili.
SONTO: Bese uthi imali uyishonisephi Mfundisi?
MFUNDISI: Hhayi, ngizothi ngihlaselwe yizigebengu nje ndodakazi.
SONTO: Hawu! Uzoqamba amanga ungumfundisi?
MFUNDISI: Ndodakazi sizoyilungisa le ndaba.
SONTO: Yini baba usabe ukufa? Kanti awufuni ukuya kuleli zulu ohlale usitshela ngalo?

5.1 Wayenasikhundla sini uSonto kuleli bandla? (1)

5.2 Yini eyenza uSonto athi kade azibolela yena? (1)

5.3 Ngokwalesi siqeshana yisiphi isizathu esenza uSonto abone kufanele ukuthi abulale uMfundisi? (2)

5.4 Yini eyayenza kube khona ukungezwani phakathi kukaMthofi noSonto kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

... ukuthi **sengibole kakhulu** …

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho ukuthi: …

A Kuningi okubi esengakwenza.
B Kuningi okuhle esengakwenza.
C Kuningi okuhlekisayo esengakwenza.
D Kuningi okuwusizo esengakwenza. (1)

5.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 5.6.1 UDlamini | A Indaba isesicongweni |
| 5.6.2 Indikimba | B Unodlame |
| 5.6.3 Isixakaxaka | C Umakhelwane kaMbhele |
| 5.6.4 UMthofi | D Ubugebengu |

(4 x 1) (4)

5.7 Bhala umehluko phakathi komdlalo wokufundwa nomdlalo weshashalazi. (2)

5.8 Yiliphi iqhaza elibanjwe ngumlingiswa uDlamini kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.9 Kwakungaba namuphi umthelela empilweni kaZinhle ukushintsha isikole phakathi nonyaka? Bhala amaphuzu AMABILI asekela impendulo yakho. (2)

5.10 Phawula ngokubaluleka kwencwadi yefa ubhekise kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

MAMKHIZE: Manje ukufa kukaMfundisi kuhlanganaphi nalo muntu?
SONTO: UMfundisi ngambulala ngoba ...
MAMKHIZE: Awu! Ngaze ngasizala isikhohlakali!
SONTO: Ngangifuna imali yomnikelo mama ukuze ngikhokhele lo muntu owayebulele umkaMbhele.
MAMKHIZE: Kawabe usamkhokhela ngani pho umuntu? Kawuyitholanga yini imali yomnikelo lowo?
SONTO: Ngayithola mama.
MAMKHIZE: Wayishonisaphi?
SONTO: Yavele yalahleka.
MAMKHIZE: Yalahleka? Imali engaka isilahleka kanjani, kuphi?

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | |
|---|---|
| SONTO: | (*Ngokucikeka*) Kanti kakusona yini lesi siphukuphuku sekhehla lakwamakhelwane esangibona ngiyibeka sayithatha? |
| MAMKHIZE: | Yonke? |
| SONTO: | Yebo, yonke. Kuthiwa sivumile emaphoyiseni. Yikho nje bonke ubufakazi bukhomba mina. |
| MAMKHIZE: | Kwatholakala kanjani ukuthi nguwe obulele uMfundisi? |
| SONTO: | Yimi owatatazela. Ngasuke ngathi emaphoyiseni ngobusuku okwadutshulwa ngabo uMfundisi ngangizobona wena ugula. |
| MAMKHIZE: | Kanti leliya phoyisa lalizokubuza kimi nje yingoba wawusunecala elingaka? Awu, kanti mntanami ulapha nje waboshiswa yimi? |
| SONTO: | Akuwena mama, khululeka. Bengizogcina ngiboshiwe vele. |
| MAMKHIZE: | Awubange usangitshela ukuthi indaba yefa likaMbhele yahamba kanjani. |
| SONTO: | UMbhele wangihlakaniphela mama. |
| MAMKHIZE: | Kanjani? |
| SONTO: | Wangivalela onke amafa akhe. |
| MAMKHIZE: | Okusho ukuthi wayesesola. |
| SONTO: | Ya! Ngangimbona ukuthi useyasola. |
| MAMKHIZE: | Yikho wawusuthi ubona sengathi usecabanga ukukushiya. |
| SONTO: | Leso esinye sezizathu. |
| MAMKHIZE: | Wase ubona kungcono afe? |
| SONTO: | (*Ekhala*) Yebo, ukuze ngithole imali. |
| MAMKHIZE: | Manje sekuvela kanjani ukuthi nguwe owahlela ukufa kwakhe? |

5.11 USonto akamkhokhelanga ngani uMthofi imali ayemethembise yona? (1)

5.12 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphandle olwaba khona phakathi komseshi uNhleko noSonto ngesikhathi uSonto efika ezobona uMfundisi esibhedlela. (3)

5.13 Chaza iqhaza elibanjwe imiyalelo yokwenzeka enkundleni (stage directions) kulesi siqeshana somdlalo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.14 Ukufihleka kwesigameko esimayelana nengxoxo phakathi kukaMbhele nommeli, uNtshangase kummeleli uSonto kwaba namuphi umphumela kulo mdlalo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.15 Chaza uvuthondaba lwalo mdlalo ngephuzu ELILODWA. (2)

5.16 Uyavumelana yini nokuthi ukungabi naso isitifiketi somsebenzi kukaMthofi kwaba nomthelela kule ndlela ayephila ngayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Ukuba wawunikwe ithuba lokuba nguMbhele, yiziphi izinto EZINTATHU owawungazenza ngendlela eyehlukile? (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

| | |
|---|---|
| THENJIWE: | Qiniso. Bengisathi ngisazocela ukuba bangidedele ngizibuyelele ekhaya, kanti angibuzanga elangeni. Abasemzini balele komunye umqondo nje. |
| GUGU: | Kodwa ngabe yimuphi lowo mqondo? |
| THENJIWE: | Bathi angihambi lapha emzini wabo. Bathi okungcono ngizogana enye indodana yabo. |
| GUGU: | *(Ashaye izandla)* Hawu! Kanti awukhulumi nje **usuzalelwe yinja endlini**? |
| THENJIWE: | Ngivele ngasangana ikhanda Gugu. Ngase ngibacela ukuba banginike ithuba ngiyicabange le nsambatheka yabo. |
| GUGU: | Leyo nsizwa bathi izovelaphi ngoba abafowabo bakaSkhumbuzo zingane nje? |
| THENJIWE: | Baqoke yena uDumisani impela. Ngifuna ukubatshela kahle ukuthi ngingathi ngisosizini babuye bangandisele lolo sizi futhi. |
| GUGU: | Bazi ngani ukuthi nizozwana noDumisani? Leli siko lokungenwa mina angilithandi ngento eyodwa nje. Abantu bavele bacabange ukuthi wawuvele ubabhanqile abafokazi labo. |
| THENJIWE: | Mina mngani ngimi ngento eyodwa nje. Angisenalo olunye uthando engingalubhekisa komunye umuntu. Angisayiphathi-ke ekaDumisani. Ingane eluhlaza cwe leyo. |
| GUGU: | Naye uDumisani uyokhuza ibhadi impela. Kodwa bona abantu ngeke basole ukuthi uyena owabulala uSikhumbuzo ngoba efuna umkakhe? |
| THENJIWE: | Umamezala ikakhulu, sengathi akayicabangi yonke leyo nto. Nami ngilindele ilanga esizoxoxa ngalo lolu daba. Ngizimisele ukubaphikisa kuze kube sekugcineni. |
| GUGU: | Mngani wami usize ungayivumi nhlobo le nsambatheka yaleli siko. Uzohlekwa abantu ngikutshele. |
| THENJIWE: | Ngiyabonga mngani ngokungimisa idolo. |

6.1 Wayehlobene kanjani uThenjiwe nabantu bakwaZungu? (1)

6.2 Yini lena uGugu aluleka uThenjiwe ngayo ukuthi angayivumi njengoba bexoxa nje? (1)

6.3 Ngokwalesi siqeshana yisiphi isizathu esenza uGugu angahambisani nesiko lokungenwa? (2)

6.4 Yini eyayidala ukungqubuzana phakathi kukaThenjiwe nabantu bakwaZungu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Kanti awukhulumi nje **usuzalelwe yinja endlini**?
Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho:

A Ukuthukuthela
B Ukuzala
C Ukuxakeka
D Ukugana (1)

6.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOM B |
|---|---|
| 6.6.1 UNondumiso | A Indaba isesicongweni |
| 6.6.2 Indikimba | B Umngani kaThenjiwe |
| 6.6.3 Isixakaxaka | C OwakwaMondise |
| 6.6.4 USipho | D Isiko nelungelo |

(4 x 1) (4)

6.7 Bhala umehluko phakathi komdlalo ofundwayo nomdlalo weshashalazi. (2)

6.8 Chaza iqhaza elibanjwe ngumlingiswa uMaNzuza kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

6.9 Kwaba namuphi umthelela omuhle emndenini wakwaMondise ukuvuma kukaThenjiwe ukungenwa nguDumisani? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.10 Phawula ngokubaluleka kokubambisana kwabalingani (abazali babantu abashadene) ubhekise kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| SIPHO: | Ngabona ukuthi ngizokwandisela izinkinga. Ukuba kuya ngami ngabe ngithi mgane uDumisani lowo. |
| THENJIWE: | Kahle Sipho bo. Sekwenzenjani futhi. |
| SIPHO: | Kwathiwa ngiyophuma uma seniganene. |
| THENJIWE: | Kanti awuboshelwe lona icala lakho owalenza. Kwakwenzelwa ukuba ngigane uDumisani? |
| SIPHO: | Ngendlela engihlezi kabuhlungu ngayo lapha mngani wami, impela shintsha umqondo. Mhlawumbe uthando lukaDumisani luzobuye luvele. |
| THENJIWE: | Ngeke Sipho. Ngeke. Uyazi esikhundleni sokuba kuqale uthando lukaDumisani uya ngokuba eba yisitha. Ngizogcina ngimenzakalisile. |
| SIPHO: | Uthanda ngidilikelwe yijele? |
| THENJIWE: | Cha. Uyazi inhliziyo yami ibuhlungu kabi njengoba ulapha nje. Ukuba kukhona engingakwenza ukuze uphume ngabe ngiyakwenza. |
| SIPHO: | Gana uDumisani phela. |

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | |
|---|---|
| THENJIWE: | Sengicabanga ukuvele ngimbulale uDumisani Sipho. Awuqali ukungifikela lo mqondo. |
| SIPHO: | Cha! Cha! Cha! Ungalokothi. Ufuna ukuzozwa lolu sizi engiluzwayo. Ngeke ulumele. |
| THENJIWE: | Kusizani ngoba uDumisani wenza impilo yami ibe buhlungu emhlabeni. |
| SIPHO: | Ngifisa sengathi kungakhona into eshintsha inhliziyo yakho, uzwe usumthanda uDumisani. |
| THENJIWE: | Khohlwa yilokho, akusoze kwenzeka. Ngihlushwa ukungabi namali, bengizofuna ummeli liqalwe phansi leli cala. |
| SIPHO: | Sisodwa isixazululo saleli cala, yikho ukuba ugane uDumisani. Ukuba ngangazi nami ngabe angisizanga mngani. |
| IPHOYISA: | *(Limemeza)* Phelile sikhathi!! |

6.11 Bakuphi oThenjiwe noSipho njengoba bexoxa nje? (1)

6.12 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphandle olwaba khona ngosuku uDumisani ahlangana ngalo noThenjiwe ehamba noSipho. (3)

6.13 Chaza iqhaza elibanjwe imiyalelo yokwenzeka enkundleni (stage directions) kulesi siqeshana somdlalo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

6.14 Ukuthethwa kwecala likaSipho uThenjiwe engazi kwaba namuphi umthelela? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

6.15 Chaza uvuthondaba lwalo mdlalo ngephuzu ELILODWA. (2)

6.16 Uyavumelana yini nokuthi ukungena kukaNondumiso ezindabeni zakwaZungu kwakuyisenzo esimveza njengomlingiswa ongahloniphi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Ukuba wawunikwe ithuba lokuba nguMaMbatha, yiziphi izinto EZINTATHU owawungazenza ngendlela eyehlukile? (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

Kulesi siqephu, imibuzo ibuzwe kulezi zindaba ezimfushane ezilandelayo:

- 'Wakubona Wakubeletha' ebhalwe nguMT Mkhize
- 'Uxolo' ebhalwe nguSicelo Zimema

## UMBUZO 7: *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo ezitonyulwe ezindabeni ezimfushane ezimbili bese uphendula imibuzo ehlelwe esiqeshini ngasinye. Inani lamamaki elabelwe umbuzo ngamunye lisebenza njengomhlahlandlela wobude bempendulo.

**QAPHELA:** Phendula imibuzo ehlelwe kuzona zombili iziqeshana, okungukuthi UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

7.1 **'WAKUBONA WAKUBELETHA – MT Mkhize**

**ISIQESHANA M**

'Impela angiboni ukuthi ngangingamkhohlwa kanjani umuntu ofana noCele empilweni yami Mnumzane Mbonambi,' kusho uBekezela ezama ukukhanyisela owezenhlalakahle, eqhubeka ethi: 'Kwathi nalapho sengimfica esitaladini uCele engasento yalutho ngambuza ngathi ngabe yini, kwenzekani kuyena aze abe njeyaya. Igama angiphendula ngalo wathi ingoba wayephanise kakhulu kubantu ngemali nangokunye abe ekuphiwe nguNkulunkulu. Lawo magama kaCele angihlaba. Yiwona futhi aze adala nokuba ngimsize lapho sengimbona ewa ephelelwa ngamandla ngoba ngangazi ukuthi nami ngingomunye walabo ababa nesandla ekufadalaleni komnotho wakhe.'

'Impela ngiyayizwa indaba yokutholana kwakho noCele Mnumzane Zulu. Kodwa lapho umphenya wathi umndeni wakhe ukuphi?' kubuza uMbonambi.

'Yize noma kwakungasezwakali kahle lapho uCele ekhuluma, kodwa sengathi wathi umndeni wakhe wadukelana nawo ngenkathi esesibhedlela elimele njengoba isitolo namabhasi akhe kwabe kungasekho.'

'Wathi uma ekutshela wathi uhlala kuphi lapho elala khona?'
'Wangitshela ukuthi wendlala amaphepha aqinile phansi alale kuwona kanye nabanye eceleni komgwaqo nangasesiteshini sesitimela.'
'Ukuphuza utshwala noma izidakamizwa lokhu wayevele ekwenza?'
'Ekumazini kwami wayengaphuzi, futhi engabhemi.'
'Kuyinkinga-ke lokho ngoba odokotela abahlole isidumbu sakhe bathe okumbulele ngukuphuza kakhulu izipirithi, kanye nendlala.' kusho uMbonambi.

7.1.1 Ngokwalesi siqeshana uBekezela wamfica kuphi uCele? (1)

7.1.2 Yisiphi isizathu esisemqoka esenza uZulu asize uCele? (1)

7.1.3 Tomula ibinzana lamagama asitshela ukuthi uBekezela washaywa unembeza uma ezwa amagama ashiwo nguCele. (1)

7.1.4 Bhala OKUBILI okwakuyingxenye yomnotho kaCele. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.1.5 Chaza isingeniso sale ndaba emfushane. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.6 Isaga esithi: 'Izandla ziyagezana.' siyahambelana nalokhu okwenzeka kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.7 Yisiphi isifundo esitholakala kule ndaba? (2)

7.1.8 Indikimba yale ndaba **ubuntu**. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.1.9 Ukuba wena wawunguMaKhumalo, unkosikazi kaCele, wawuzomeseka yini umyeni wakho uma ethatha isinqumo sokungcwaba umuntu angazalani naye? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.10 Ngokwakho ukubona lokhu okwenziwa umndeni kaCele kungenzeka yini empilweni yangempela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

7.2 **'UXOLO' – Sicelo Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Base bezame kaninginingi ukumsoconga uS'kebhe kodwa behluleka. Wayekhona naye uMtolo ngenkathi kuboshwa lelo tulo lokubulala uS'kebhe. Okusho ukuthi yayiziqinise okwangempela le ndoda. Abafo babejika bengakasondeli nakusondela kuyona.

Kwathi emva kokuba sebezishisile izimoto zikaS'kebhe, wanyamalala izinsukwana, wangaziwa ukuthi washona kuphi. Kwathi emva kwezinsuku ezine enyamalele, oMtolo nabanye osomatekisi babona into ababengakaze bayibone. Bayibona **ngovivi**, khona elenke. Bathi sebethi bazoqala umsebenzi njengokwejwayelekile, badideka amakhanda lapho befica kulengiswe izinkukhu ezimnyama kulezi zigxobo ezinamagama ezindawo lapho izimoto zilayishela khona. Zonke lezi zinkukhu zibukeka zingabulawanga ngokunqunywa kodwa kusobala ukuthi zibulawe ngokujijwa imiqala. Zonke zimnyama. Njengoba imizila iyisikhombisa nje kuleli lenke, nazo izinkukhu ziyilelo nani. Zikleliswe njengamafolosi lapha ngasekuphumeni kwelenke. Umuntu ozogibela, uzithela kuzo izinkukhu lezi, zilengela phezu kwekhanda lakhe.

Kwabonakala amadoda ehlangana ngamakhanda. Kwakuyinto engakaze ibonakale, ingqayizivele uqobo lwayo. Bonke bavumelana ngokuthi kwabe kuwumuthi lowo. Umuthi omubi. Kwadingeka ukuthi leyo naleyo ndoda izibheke amacala, izifune. Amadoda avumelana ngokuthi kufanele zehliswe izinkukhu lezo, ziyolahlwa. Baqala babidizela kodwa bagcina ngakho ukuzehlisa. Baqhubeka nokusebenza njengokwejwayelekile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.1 Ubani lo okuthiwa wayekhona kuboshwa itulo lokubulala uS'kebhe? (1)

7.2.2 Yini eyayenza behluleke ukusoconga uS'kebhe laba bafo okukhulunywa ngabo kulesi siqeshana? (1)

7.2.3 Khetha impendulo eyodwa kulezi ezilandelayo:

Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho lichaza ukuthi:

'Bayibona **ngovivi**, khona elenke':

A Ebusuku kakhulu
B Ekuseni kakhulu
C Emini bebade
D Ntambama (1)

7.2.4 Chaza kafushane okwenzeka elenke ngalolu suku. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.5 Chaza kafushane ngemicabango kaMtolo ngesikhathi uS'kebhe esangene kwelinye ikamelo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

7.2.6 Kwenzekani kuS'kebhe ngemuva kokushiselwa amatekisi akhe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.7 Izenzo zomlingiswa onguS'kebhe zimveza njengomuntu onjani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.8 Abanye abantu basembonini yamatekisi banomona. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.9 Isihloko sale ndaba siyahambelana yini nokwenzeka endabeni yonke? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.10 Uyazwelana yini nomlingiswa onguMtolo kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

Kulesi siqephu, imibuzo ibuzwe kulezi zinkondlo ezilandelayo:

- 'Izimomondiya' ebhalwe nguZB Gama
- 'Komile Geqe' ebhalwe nguLMMS Madondo

**QAPHELA:** Phendula imibuzo ebuzwe kuzona zombili izinkondlo, okungukuthi UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

**UMBUZO 8:** ***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**IZIMOMONDIYA – ZB Gama**

Ngizibonile ezinhle kakhulu
Amalamb' edlile uqobo,
Omashayela phezulu boqobo,
Ngisho amankisimane ansundu
Akhuluma asikhiphe ngamakhala,
Izintombi zendlu empisholo.

Amakhanda agcwele ayachichima,
Ulwazi lobuchwepheshe besimanje,
Izimomondiya ezisebenza zihlezi,
Yeka iminwe ukuchofoza,
Iminwe egijima iye le,
Ibuye emuva, iye phambili.

Amehlo agqolozele ibhokisi,
Iminwe ichofoza amathambo,
Ngisho amathambo amhlophe,
Agqize ngomnyama umbala,
Okomfaniswano wezingane zesikole
Zigxumagxuma emabaleni.

Ngiyaseshwama isimangaliso seminwe
Egidagida phezu kwamathambo,
Ngisho amathambo amhlophe
Ibhale umyalezo wansondo
Yeka ubuciko bekhompuyutha,
Ubuciko bondlebe zikhanya ilanga.

Angiwubonaze umshini oyisimangaliso,
Umshini okhuluma buthule,
Umshini obuza buthule,
Yisimangaliso lesi sakobelungu.
Esifinyeza umsebenzi omkhulu
Isimangaliso ubaba nomama.

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | | |
|---|---|---|
| 8.1.1 | Tomula imigqa EMIBILI evulekile esitanzeni sokuqala. | (2) |
| 8.1.2 | Yiliphi ibinzana elisenkondlweni elisho abelungu? | (1) |
| 8.1.3 | Fingqa umqondo osobala wale nkondlo ubhekise esitanzeni sesi-2. Bhala amaphuzu AMABILI. | (2) |
| 8.1.4 | Caphuna umugqa oyisizura/isikhawu esitanzeni sesi-2? | (2) |
| 8.1.5 | Yini le ebizwa ngebhokisi kule nkondlo? | (1) |
| 8.1.6 | Tomula umugqa oyisifaniso otholakala esitanzeni sesi-3. | (2) |
| 8.1.7 | Chaza isigqi sale nkondlo. | (2) |
| 8.1.8 | Uyavuma yini ukuthi le nkondlo inomoya wokuncoma? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. | (2) |
| 8.1.9 | Tomula imigqa EMIBILI enokuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-5, dwebela amagama aveza ukuxhumana bese usho ukuthi luhlobo luni lokuxhumana. | (2) |
| 8.1.10 | Uthini umyalezo wale nkondlo? | (2) |

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**KOMILE GEQE – LMMS Madondo**

Kungathi yiminyakanyaka,
Imvelo ithule ayithi nyaka,
Ugagane ungafunga lomile,
Isanqawe sikubingelela ngameva
Usondela ukusondeza ngameva
Konke kuthule kuthule cwaka.

Izinkomo yizimbanjana zimbuncene,
Kushayana amadolo ziqothukile,
Ukutanasa nokudishazela kuphelile,
Ukubhonsa nokubhonga kunyamalele,
Imvelo ilele notshani buhambile
Konke kwemukile kusikekile,
**Inkemane** imile iphango libhokile.

Amaxoxo anyamalele kuthule cwaka
Izinhlanzi ungafa yizo kuphele ukugxuma,
Imfundamakhwela ayibonwa umdwebo do,
Ujekamanzi uzichome obhukwini wangena shi,
Abakonyoka bahulazele bayobhaca,
Isiziba sibe wubindiza some nke.
Yisikhathi esinzima sendlala
Indlala engahambi kuhamba inala,
Ukudansazela ngezisukazi ezicwebezelayo,
Kuphelile izisu zambaqana zasha,
Konke ngathi akuseyukubuya,
Usuku lude ngayiminyaka.

Ubingelelwa yimifantukazi eminkenke,
Umtshuzo wabafana bezinkomo uphelile,
Amandambi ajokole abuyela emafini,
Inyanga iyidedele imvula eyimumethe.
Ungqoqwane ugqogqe ngekhaza
Lwagqogqeka lonke uhlaza.

8.2.1 Bhala amagama ezihlahla EZIMBILI ezitholakala esitanzeni soku-1. (2)

8.2.2 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

8.2.3 Tomula igama lesilwane esisetshenziswe esitanzeni sesi-2. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2.4 Khetha impendulo eyodwa kulezi ezilandelayo:

Igama elibhalwe ngokugqamile kulo mugqa lichaza ukuthi:

'**Inkemane** imile iphango libhokile':

A Inkonyane
B Idili
C Indlala
D Inala (1)

8.2.5 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa isenzukuthi emgqeni we-14? (2)

8.2.6 Ithini indikimba yale nkondlo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.7 Ngokwale nkondlo yini eyayenza ukuthi ukubhonsa nokubhonga kwezinkomo kuphele? (2)

8.2.8 Ngokucabanga kwakho yiziphi izinto ezingavelela abafana ababhukuda emanzini angcolile. Bhala izinto EZINTATHU. (3)

8.2.9 Imbongi isikhethe kahle isihloko sale nkondlo. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## UNHLABA/UNHLANGULANA 2024

## UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

**AMAMAKI: 70**

**Lo mhlahlandlela unamakhasi angama-28.**

*Akuvumelekile ukukopisha leli phepha*

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokomhlahlandlela wokumaka.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/ AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU A: INOVELI**

**UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa**

**ISIQESHANA A**

1.1 KwaHlazakazi. √ (1)

1.2 OKUKODWA kwalokhu:
- Wayejahe kakhulu ngesikhathi edlula ekhaya kubo.√/
- Ingqondo yakhe yayisadidekile.√ (1)

1.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umama kaSandanezwe uthi indodana iyobe yenze iphutha uma kuwukuthi ayidlulanga kuNokulindela. √/
- Umama kaSandanezwe uthi indodana yakhe kwakumele okungenani imane ithume uNomkhizo kubo kaNokulindela ayobazisa ngohambo lomfowabo lokuya enyangeni. √/
- Ingqondo kaSandanezwe yayibukeka ididekile ngesikhathi edlula ekhaya.√/
- Izesheli zikaNokulindela zazizosizakala uma ziyizwe kuqala le ndaba kaSandanezwe. √ (2)
- UNomkhizo wethembisa ukuchazela uNokulindela ngesimo sikaSandanezwe uma kwenzeka behlangana nonina uthi akaliboni iphutha kulokho.

1.4 A √/Uzolulama. √ (1)

1.5 1.5.1 C√/UNokulindela√ (1)

1.5.2 D√/Umthandazi√ (1)

1.5.3 B√/Inyanga√ (1)

1.5.4 A√/UMkhumane√ (1)

1.6 UMbeje noMbuyisa bobabili bayizinyanga ezazizama ukwelapha uSandanezwe.√√ (2)

1.7 Ngiyavuma ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Uvela kancane kule noveli. √√/
- Alilikhulu iqhaza alibambile, uvela ngenxa yesimo sokuthi uNonkamfela wayefuna isitho sangasese somuntu wesifazane. √√/
- Azikho izigameko noma udweshu oluthinta yena. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UJiyane wanikeza uZabalaza umuthi wentando ayezonqoba ngawo uNokulindela. √/
- UNomgedla wavakashela kubo kaNokulindela ukuze athole kahle ithuba lokwenza lokho ayekucelwe ngukanina wakhe. √/
- UNokulindela wagula kakhulu emuva kokuba uNomgedla emfakele umuthi ayewunikezwe uZabalaza. √/
- Wagcina elikhulumile iqiniso uNomgedla mayelana nokuthinteka kwakhe ekuguleni kukaNokulindela. √ (3)

1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UNonkamfela wanikeza uSandanezwe ithemba lokuthi wayezohamba kwakhe esesindile esengumqemane kodwa lokho kwangenzeka.√/
- Wathatha imali yenkokhelo kuSandanezwe ngaphandle kokumnikeza usizo eyeludinga.√/
- Watshela uSandanezwe ukuthi umuthi ayezomelapha ngawo wawuzodinga ukuthakwa ngesitho sangasese somuntu wesifazane, lokhu kwenza ukuthi uSandanezwe akhathazeke ngoba kwakuzomele kufe omunye umuntu ukuze kusinde yena.√/
- Wachithela uSandanezwe isikhathi ngokuthi angasheshi amazise ukuthi isifo siyamphica. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
Abanye bayothi:
Kwaba isenzo esihle ngoba ...

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ngesikhathi kusanda kufika ingculazi eNingizimu-Afrika uHulumeni wayengayikhiphi imithi yokuyidambisa, ngakho-ke kwakungeke kumsize ngalutho ukuhlala kwakhe esibhedlela uSandanezwe. √√/
- Kwakungenzeka ukuthi odokotela bamkhiphe esibhedlela ngaphandle kokumelapha uma bengavumelekile ukunikeza iziguli imithi yokudambisa ingculazi. √√/
- Isimo sasimphoqa uSandanezwe ukuthi ayozama usizo ezinyangeni ngoba kwakuyisifo esisha lesi esasibaphica odokotela.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

**NOMA**

Abanye bayothi:
Kwaba isenzo esibi ngoba...

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Odokotela babezomnika imithi yokuthiba izinhlungu. √√/
- Odokotela babezomeluleka ngokudla okunomsoco okwakufanele akudle.√√/
- Odokotela babezomeluleka ngokwengqondo. √√/
- Babezomeluleka ukuthi azivocavoce.√√/
- Wayengakwazi ukuthi aqhubeke aphile isikhathi eside uma elalela okushiwo ngodokotela. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


**KANYE**

**ISIQESHANA B**

1.11 Ugobisamashinga. √ (1)

1.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwakukhona uFohloza owayebhekene nokwamukela iziguli ezifikayo emzini kaNonkamfela.√/
- Kwakungathathi isikhathi eside ngaphambi kokuthi iziguli zithole usizo. √/
- Abasuka kude babephiwa ukudla baphiwe nendawo yokuhlala. √/
- Izivakashi ezazivakashela abagulayo zazinikezwa indawo yokulala. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (1)

1.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Usilandisa indaba kusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni.√√/
- Usichazela ngobunjalo babalingiswa.√√/
- Usichazela ngemizwa nemicabango yabalingiswa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.14 1.14.1 Ukwehlelwa izinto ezimbi√/ukuba sesimweni lapho izinto zakho zingahambi kahle.√ (1)

1.14.2 Ukuhlala komuntu wesifazane aze abe mdala engaganile. √ (1)

1.15 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
Umbhali ufuna ukusikhombisa ukuthi umuntu uyadinga ukwesekwa umuntu wangaphandle ongumngane uma ebhekene nobunzima√ ngoba...
- USebenzile wabonisa uNokulindela ukuthi angayilaleli into eshiwo uZabalaza ngoba kwakungenzeka ukuthi uqamba amanga ukuze anyundele uSandanezwe. √/
- Wamduduza ngokuthi izimo zabo zicishe zifane ngoba naye wayekade aligcina isoka lakhe. √/
- Wameluleka ngokuthi abekezele alinde ngoba uSandanezwe wayenezizathu zakhe zokuthi angambhaleli. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.16 Umlingiswa omkhulu uSandanezwe ubhekene nenkinga yokuthola umuntu ozomelapha esifweni esasesimgulise isikhathi eside. √√ (2)

1.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ngangiyomeluleka ngokuthi ake athole kahle iqiniso lokuthi uSandanezwe uphethwe yini ngaphambi kokuthi athathe isinqumo sokumshiya/sokumala.√/
- Ngangiyomeluleka ngokuthi angahlangani noSandanezwe ngokocansi ngoba kwakungenzeka ukuthi uphethwe ingculazi.√/
- Ngangiyomeluleka ngokuthi akahambe aye enyangeni lapho okwakulashelwa khona uSandanezwe ayozizwela yena iqiniso.√/
- Ngangiyomeluleka ngokuthi nakuba engenaso isiqiniseko sokuthi uphethwe yini uSandanezwe kepha akaqhubeke ameseke njengesoka lakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.18 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Usebenzise indlela yokuthi abalingiswa bethulwe ngengxoxo yabanye abalingiswa.√ Lokhu kwenze sathola izimpawu ezahlukene zabalingiswa ikakhulukazi labo abangaqavile, njengomthandazi uNdebele owethulwe ngokuchazwa ngumama kaSandanezwe engxoxweni yabo njengomuntu owusizo ekwelapheni abagulayo.√
- Abanye abalingiswa ubethule ngezenzo nokuthi bazikhulumele bona.√ Lokhu kwenze yanongeka indaba lapho ubunjalo bomlingiswa bugqama ngendlela esamdlalo, ezenzweni nasenkulumweni yakhe. Isibonelo: Ukuthi uNonkamfela ungumuntu ongethembekile sikuthola ngezenzo nenkulumo yakhe lapho engaphumeli obala kuSandanezwe ukuthi uyehluleka ukumelapha isifo sakhe. √
- Umbhali uphinde wasebenzisa indlela yokubachaza yena ngokwakhe abalingiswa.√ Lokhu kwelekelele ngokuthi akwazi ukusinikeza umlando womlingiswa ngaphambi kokuqala kwendaba, njengempilo kaSandanezwe ngesikhathi esebenza ezitimeleni zamanzi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

**[35]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODEN* – SJ Mchunu**

**ISIQESHANA C**

2.1 BabeseGoli.√/Babesedolobheni√ (1)

2.2 Ukuhamba yedwa edolobheni eGoli.√ (1)

2.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Izinsizwa ezazihlala noManyoba ehostela zavuka ngakusasa zaya emsebenzini. √/
- Ngesikhathi esesele yedwa uManyoba wayecabanga engakholwa ukuthi uye ngempela lo oseseGoli. √/
- Wayecabanga nangabantu bangakubo ukuthi babengazi ukuthi useseGoli bona babezitshela ukuthi usesemapulazini.√/
- Wayesaba ukuphumela ngaphandle ngoba wayengazi muntu kule ndawo. √ (2)

2.4 A √ Ukucabanga into okungeyona. √ (1)

2.5 2.5.1 B √/Inkosi yaseMachunwini √ (1)

2.5.2 D √/Uhlala eBergville √ (1)

2.5.3 A √/Wayeganwe uMaNgubane √ (1)

2.5.4 C √/Umnini wepulazi √ (1)

2.6 UNgobese noDoda babesebenza noManyoba efemini.√√ (2)

2.7 Ngiyavuma ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ivela kancane kule noveli. √√/
- Alilikhulu iqhaza alibambile, uvela ngenxa yesimo sokuthi wabona ukuhlupheka kukaManyoba wayesethatha isinqumo sokuthi amsize. √√/
- Azikho izigameko noma udweshu oluthinta le ndoda.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

2.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UManyoba wathatha umhlalaphansi emsebenzini. √/
- Ngesikhathi esesemsebenzini wayengazibekelanga imali yomhlalaphansi.√/
- Bagcina sebephelelwe yimali yokuzondla benoMaNdlovu. √/
- UManyoba wenza umcinjana omncane wamema amadodana akhe ngoba enenhloso yokuthi abonisane nawo.√/
- Amadodana akhe athatha isinqumo sokubahlalisa ngokwehlukana benoMaNdlovu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMaNene wayehlupha uMaNdlovu ngesikhathi ehlala nabo emzini wabo eGoli.√/
- UMaNene wakhulisa izinkinga zikaMaNdlovu ngokuba angamvumeli ukuba athandaze uma esezolala.√/
- UMaNene wayencisha umamezala wakhe ukudla.√/
- UMaNene wayengafuni ukuthi uMaNdlovu abe nobudlelwane obuhle nomzukulu wakhe uThembalihle.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

2.10 Izimpendulo ziyokwehluka:

Abanye bayothi:
Kwaba isenzo esihle ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwakuyimali yakhe, ngakho-ke wayenelungelo lokwenza akuthandayo ngayo. √√/
- Amadodana akhe wayesewafundisile esekwazi ukuzimela, ngakho-ke sasingekho isidingo sokuthi awanikeze imali.√√/
- Amadodana akhe awabaphathanga kahle ngesikhathi behlala nawo ngokwehlukana noMaNdlovu ngakho-ke sasingekho isidingo sokunikeza abantu abangenabo ubuntu ifa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

**NOMA**

Abanye bayothi:
Kwaba isenzo esibi ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UManyoba waphindisela okubi ngokubi okuyinto engamukelekile.√√/
- UManyoba kwakumele abe yisibonelo esihle ezinganeni zakhe ukuze zifunde isifundo kuyena.√√/
- Amadodana kaManyoba ayesekhombisa ukuzisola, ngakho-ke kwakumele alwamukele uxolo ukuze umndeni ubumbane.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

2.11 Wayenzela ubaba wakhe ukudla.√ (1)

2.12 Akazange abe nobudlelwano nomunye umuntu ngesikhathi uManyoba esebenza kude eGoli.√/ (1)

2.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Usilandisa indaba kusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni.√√/
- Usichazela ngobunjalo babalingiswa.√√/
- Usichazela ngemizwa nemicabango yabalingiswa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.14 2.14.1 Ummbila ophekiwe, wagaywa ngetshe waba isicaba.√ (1)

2.14.2 Amanzi aqhuma/aphuma phansi.√ (1)

2.15 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

Umbhali ufuna ukusikhombisa ukuthi umuntu ungumuntu ngabantu√ ngoba...

- Izinsizwa zangakubo kaManyoba zazimeseka kukho konke ayekwenza. √/
- Zamnikeza indawo yokuhlala ehositela, zamondla ngesikhathi engakawutholi umsebenzi. √/
- Enye yezinsizwa zangakubo yamtholela umsebenzi emayini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

2.16 Umlingiswa omkhulu onguManyoba ubhekene nenkinga yokufuna imali ukuze alobole uNtombi, akhe umuzi wakhe. √√ (2)

2.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangiyomphatha kahle ngoba ngimkhombisa inhlonipho eyayimfanele.√/
- Ngangiyomphatha kahle ngoba ubabezala ufana nse nobaba ongizalayo.√/
- Ngangiyomphatha kahle ngoba uManyoba wayedinga ukubongwa ngendlela ayekhulise kahle ngayo amadodana akhe. √/
- Ngangiyokwenza isiqiniseko sokuthi ubaba unakho ukudla njengomuntu osemdala.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

2.18 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Usebenzise indlela yokuthi abalingiswa bethulwe ngengxoxo yabanye abalingiswa.√ Lokhu kwenze sathola izimpawu ezahlukene zabalingiswa ikakhulukazi labo abangaqavile, njengoNtombela ochazwe nguManyoba njengomuntu owayengathembekile kumkakhe.√
- Abanye abalingiswa ubethule ngezenzo nokuthi bazikhulumele bona.√ Lokhu kwenze yanongeka indaba lapho ubunjalo bomlingiswa bugqama ngendlela esamdlalo, ezenzweni nasenkulumweni yakhe. Isibonelo: Ukuthi uManyoba ungumlingiswa okhuthele emsebenzini kugqama ngezenzo zakhe lapho eze ekhushulelwa esikhundleni ngenxa yobuqotho ayebukhombisa kubaphathi befemu.√
- Umbhali uphinde wasebenzisa indlela yokubachaza yena ngokwakhe abalingiswa.√ Lokhu kwelekelele ngokuthi akwazi ukusinikeza umlando womlingiswa ngaphambi kokuqala kwendaba njengempilo kaManyoba ekukhuleni kwakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1 Babesendlini kaTholakele.√/Babesemjondolo√/BabeseNyawushane√ (1)

3.2 Isicelo sikaBhekani sothando/sokumshada.√ (1)

3.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UBhekani utshela uTholakele ukuthi unguthisha. √/
- UTholakele uyamangala ukuzwa ukuthi uBheki unguthisha. √/
- UTholakele wathi naye wayefisa ukuba uthisha kodwa kwangahamba njengezifiso zakhe.√/
- UBhekani noTholakele baqabulana ngesikhathi sebevalelisana.√/
- UBhekani akabange esama wahamba inhliziyo yenelisekile. √
- UBhekani akazanga ukuthi ngakusasa kwakuzokwenzekani phakathi kwakhe noTholakele kwezothando. √ (2)

3.4 A √/Ukucabangisisa ngokuthile.√ (1)

3.5 3.5.1 B √/Ufika ngephupho √ (1)

3.5.2 D √/Uthanda ukulwa √ (1)

3.5.3 A √/Uphenyo esibhedlela √ (1)

3.5.4 C √/Uzakhela izibhamu √ (1)

3.6 Bobabili babengahambisani nokuthi uBhekani ashade nomfelokazi onguTholakele. √√ (2)

3.7 Ngiyavuma ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Uvela kancane kule noveli. √√/
- Alilikhulu iqhaza alibambile, uvela ngenxa yesimo sokuthi uTholakele wayelaliswe esibhedlela. √√/
- Azikho izigameko noma udweshu oluthinta yena. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

3.8 Izigameko ezaholela ekulweni kukaBhekani noBhatomu yilezi:
- UBhekani wafika kwaTholakele endlini kukhona uBhatomu, wacela ukuxoxa noTholakele emnyango kodwa wamnqabela uBhatomu.√/
- UTholakele wazama ukusukuma ngenkani kodwa uBhatomu wamhlalisa phansi.√/
- UTholakele waphinde wazama ukusukuma kodwa uBhatomu wamthela ngempama.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kuzikhulisa ngokuthi uPamella ungumngane kaTholakele ayedla naye izidakamizwa.√/
- Kuzikhulisa ngokuthi uPamella nguyena owathunyelwa nguTholakele ukuyolanda imali esikoleni kuBhekani, le mali abagcina bengayibuyisanga.√/
- UBhekani wababona bemuncana amabele okukhombisa ukuthi banobudlelwane bezocansi.√/
- UBhekani kwamphatha kabi ukufica uPamella noTholakele bebala imali engaqondakali endlini kaTholakele, ebe engabazi ukuthi bayithathaphi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

3.10 Izimpendulo ziyokwehluka:

Abanye bayothi:
Kwaba isenzo esihle ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayelandela okwakufunwa inhliziyo yakhe. √√/
- Wayenelungelo lokuzikhethela umuntu othandwa uyena nangakwazi ukwakha umuzi naye.√√/
- Wayengakholelwa ezintweni zamasiko ngakho-ke wayengakushayi mkhuba ukuthi uTholakele wayengumfelokazi osazilile.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

**NOMA**

Abanye bayothi:
Kwaba isenzo esibi ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwakuyihlazo emndenini wakhe ukuthi afise ukushadelwa umfelokazi.√√/
- Kwakuyisenzo esibi ngoba uTholakele wayesazilile. √√/
- Kwakuxabanisa uBhekani nobaba wakhe osewashona.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

3.11 Babiza imali enkulu yelobolo.√ (1)

3.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wazibuyela yena wazozehlisa waxolisa nangephutha lakhe. √/
- Wambekezelela uBhekani noma esetshengisile ukuthi umthanda kakhulu uTholakele kunaye. √/
- Wafika wazomeseka emshadweni. √/
- Emva kokuboshwa kukaTholakele, nguLindiwe nomama kaBhekani kuphela abasondela kuye, uLindiwe wabe esethi akaye kongena emotweni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Usilandisa indaba kusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni.√√/
- Usichazela ngobunjalo babalingiswa.√√/
- Usichazela ngemizwa nemicabango yabalingiswa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

3.14 3.14.1 Into ekubambayo ungaphunyuli.√ (1)

3.14.2 Ukubaleka.√/Ukuyeka.√ (1)

3.15 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

Umbhali ufuna ukusikhombisa ukuthi basekhona abangani abaneqiniso futhi abangasabi ukukhuluma iqiniso ngisho kuthiwa libaba kangakanani√ ngoba...

- USifiso wamtshela uBhekani ngobungozi bokuthandana nomfelokazi.√√/
- USifiso watshela uBhekani ngobungozi bukaBhatomu owayefuna ukungena uTholakele. √/
- USifiso wamtshela ngezinto ezingekho emthethweni nezazidayiswa oTholakele noPamella. √/
- USifiso wameluleka ngokuthi ahambe ayolunguza endlini kaTholakele uma kuvakashe uPamela. √/
- USifiso watshela uBhekani ukuthi uTholakele uyafunwa abasemzini. √/
- Ngesikhathi uSifiso ebona ukuthi uBhekani uzimisele ngoTholakele wamethembisa ukuthi uzomeseka yize ayengahambisani nesinqumo sakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

3.16 Umlingiswa omkhulu onguBhekani ubhekene nenkinga yokufuna umuntu ozomgana njengokuyalelwa yiphupho likayise. √√ (2)

3.17 Izimpendulo ziyokwehluka:

Abavumayo bayothi:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangizoya emshadweni ngiyokweseka umshana kulolu suku lwakhe olubalulekile empilweni. √/
- Amalungu omndeni anesibopho sokwesekana ngaso sonke isikhathi. √/
- Ukungayi emshadweni kwakuyodala uqhekeko emndenini. √/
- Ukungafiki kwami njengomuntu ongumalume kwakuzoba yihlazo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

**NOMA**

Abaphikayo bayothi:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangingeke ngiye ngoba ngangizobe ngingahambisani nokuthi umshana ashade umfelokazi. √/
- Lo mshado wawungenazo izibusiso zamadlozi, ngakho-ke ngangingeke ngiye ngoba nami ngangizogcina senginamabhadi. √/
- Ukuya kwami emshadweni kwakuzoba sengathi ngiyameseka umshana wami ekushadeni nomfelokazi.√/
- Ngangingeke ngiye ngoba ngangingeyona ingxenye yabantu abahlela ukulotsholwa kukaTholakele.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.18 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Usebenzise indlela yokuthi abalingiswa bethulwe ngengxoxo yabanye abalingiswa.√ Lokhu kwenze sathola izimpawu ezahlukene zabalingiswa, njengendlela yokuziphatha kukaTholakele enobugebengu, etholakala engxoxweni kaBhekani noSfiso besesikoleni. √
- Abanye abalingiswa ubethule ngezenzo nokuthi bazikhulumele bona.√ Lokhu kwenze yanongeka indaba lapho ubunjalo bomlingiswa bugqama ngendlela esamdlalo, ezenzweni nasenkulumweni yakhe. Isibonelo: Ukuthi uZenze ungumuntu oyisigebengu sikuthola ngezenzo nenkulumo yakhe lapho esetshenziswa khona nguTholakele. √
- Umbhali uphinde wasebenzisa indlela yokubachaza yena ngokwakhe abalingiswa.√ Lokhu kwelekelele ngokuthi akwazi ukusinikeza umlando womlingiswa onguTholakele ukuthi wayeshadile, washonelwa umyeni wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**ISIQESHANA G**

4.1 Uyinduna yenkosi uShandu. √ (1)

4.2 Ukuvumela ikhansela uDuma uma licela imvume ngohlelo afuna ukulwenza endaweni. √ (1)

4.3 Inkosi uShandu ithi osopolitiki bathi intando yeningi ilungelana nabaholi abavotelwayo. √√ (2)

4.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ukungathobelani phakathi kwenkosi uShandu nekhansela uDuma. √/
- UDuma uzibona emkhulu kunenkosi ngoba ethi yena wakhethwa ngentando yeningi. √/
- Kukhona amashoshozela okuyinduna nonobhala wekhansela, abangazami ukudala ukuthula phakathi kwekhansela nenkosi. √/
- Unobhala uMbandlwa ukholelwa ukuthi sesiphelile isikhathi samakhosi sekumele kuphathe amakhansela. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.5 B√/Ukwenza okuphambene.√ (1)

4.6 4.6.1 C√/UMazongolo.√

4.6.2 D√/Ezombusazwe.√

4.6.3 A√/Indaba esicongweni.√

4.6.4 B√/Unodlame.√ (4)

4.7 OKUKODWA kulokhu okulandelayo:

- Izigameko zomdlalo weshashalazi zihlelewe ukuba umbukeli azibonele yena ngokwakhe zenzeka eshashalazini kanti kulona wokufunda umfundi wakha isithombe nje emqondweni ngalokho akufunda encwadini.√√/
- Umdlalo weshashalazi uqoqekile ngokwendawo lapho kwenzeka khona indaba, ngakho akulula ukuba ugcogcome kanti owokufundwa wona ukhululekile ngokwendawo, umdlali ungamthola eThekwini uphinde futhi umthole eGoli ngaphandle kwenkinga.√√/
- Umdlalo weshashalazi uqoqekile ngokobude besikhathi osithathayo, ngeke wakhula nomdlali kusukela ekuzalweni kwakhe aze abe yikhehla noma isalukazi kanti owokufundwa wona ukhululekile ngoba asimboni umdlali kepha konke kutholakala ngokufunda kuphela bese kwakheka isithombe emqondweni womfundi ngezigaba ezahlukene zempilo yakhe.√√/
- Kunezinto ezingeke zakwazi ukuletheka eshashalazini ziphila njengamabhubesi, isitimela, ibhanoyi nokunye kepha emdlalweni wokufundwa akunankinga lokhu ngoba konke okwenzekayo kutholakala ngokufunda nje kuphela bese kwakheka isithombe sakho emqondweni womfundi.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UMbandlwa wayengunobhala wekhansela uDuma. √/
- Nguye owayeshoshozela ukuthi uDuma angayilaleli inkosi okuyikho okwakukhulisa umdlalo. √/
- Wayehamba echoma izaziso uma ikhansela lizobamba umhlangano.√/
- Waba ngomunye owashona endaweni okwenza uDuma wakubona ukubaluleka kokuletha ukuthula endaweni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

4.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UDuma washintsha ukucabanga wazisola sekubulewe uMbandlwa, ishoshozela lakhe. √/
- Wazibona esecela usizo lokuvikeleka emaphoyiseni.√/
- Wayesezisola ngokungalaleli izeluleko zikaSayitsheni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMaShezi noMaNgema bakwazi ukushintsha indlela abayeni babo ababecabanga ngayo ngaphandle kokusebenzisa udlame.√/
- UMaShezi noMaNgema babamba iqhaza elikhulu ekugqugquzeleni ukuba kube noxolo endaweni.√/
- Bazama ngakho konke okusemandleni ukuthi kuphele ukuchitheka kwegazi endaweni. √/
- Bakhombisa ukukhula ngomqondo ngokuthi bacabangele isizwe kunokuzicabangela bona nezikhundla zabo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.11 Yi-R1 000. √/inkulugwane yamarandi. √ (1)

4.12 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Emhlanganweni owawubizwe yikhansela kwezwakala amadoda esehlabelela ebanga umsindo ephazamisa umhlangano. √/
- Uma uMbandlwa ethi uyawangenisa wabuya ngokushesha esopha ekhanda. √/
- Induna uDlamini yakhomba uDuma ngenduku yamhlohloloza esifubeni.√/
- Yashaya uDuma ngenduku emlenzeni.√/
- UDlamini wakhipha abantu ababeze emhlanganweni ngenduku. √/
- UDlamini wadabula incwadi yokubhalela eyayisetafuleni wayilahla phansi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.13 Imiyalelo yokwenzeka enkundleni yiyona ecacisela kabanzi umfundi wencwadi ngesimo sabalingiswa, indlela abethula ngayo inkulumo, iminyakazo abayenzayo nokunye njengoba sibona kulesi siqeshana, umyalelo wokwenzeka enkundleni ocacisa okwenziwa nguDlamini ngesikhathi ekhuluma enikeza incazelo ngecala lakhe lokushaya uMbandlwa othi *(asukume uDlamini)*. √√
(Nokunye okuyoshiwo ngumfundi) (2)

4.14 Kwaholela ekuthini kwakheke uxolo phakathi kukaDuma neNkosi uShandu kanjalo nasemphakathini wonke. √√ (2)

4.15 Uvuthondaba lulapho kwakunomhlangano wokuthelelana amanzi owawuphethwe nguMfundisi uMazongolo, lapho esefunda incwadi eyayibhalwe yinkosi.√√ (2)

4.16 Imibono iyokwehluka.
**Abathi bayavumelana bayothi**:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukufunda kuyawuvula umqondo womuntu akwazi ukucabanga kahle. √/
- Ukufunda kwenza umuntu akwazi ukucabangela isimo esingakenzeki, njengoba uMaShezi ayesefuna kube noxolo ukuze kungaphindi kubuye udlame. √/
- Ukufunda kuyamenza umuntu akwazi ukulalela njengoba uMaShezi ayesefuna uDuma aye lapho ebizwa yinkosi. √

**NOMA**

**Abathi abavumelani bayothi**:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umuntu uzalwa nabo ubuholi, akabufundeli esikoleni. √/
- Naye uMaShezi wayecabanga njengabo abantu basendaweni kodwa ebe efundile. √/
- Wayejatshuliswa ukuthi usezokhothanyelwa njengenkosikazi yekhansela. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.17 Izinto EZINTATHU engingazenza ngendlela eyehlukile:
- Ukulalela uma kukhona okukhulunywayo engingakwazi, hhayi ukuqinisa ikhanda njalo. √/
- Ukunikeza inkosi izeluleko ezakhayo hhayi ukugqugquzela impi. √/
- Ukuxazulula izinkinga ngokuxoxisana ngingalusebenzisi udlame.√/
- Ukuhlonipha bonke ubuholi obukhona endaweni.√/
- Ukuvimba ngazo zonke izindlela ukuchitheka kwegazi nokuphuma kwemiphefumulo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 USonto wayeyilungu lekomidi lezezimali kuleli bandla.√ (1)

5.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kuningi ukonakala aseke wakwenza empilweni yakhe njengokuthandana noMbhele emazi ukuthi uganiwe.√/
- USonto wenza itulo lokubulala uMaNtuli. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (1)

5.3 UMfundisi wayezotshela amaphoyisa nebandla. √√ (2)

5.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- USonto akazange amvakashele uMthofi ngesikhathi eboshiwe.√/
- USonto akazange amkhokhele uMthofi imali yesethembiso.√/
- Kwathi uSonto esembizile uMthofi ukuthi azolanda imali yakhe, wathola ukuthi isintshontshiwe.√/
- UMthofi wayefika emzini kaMbhele asabise uSonto ngokumdubula.√/
- Wayesesikaza ukuthatha uZinhle uma uSonto engamkhokheli imali yakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.5 A√/Kuningi okubi esengakwenza.√ (1)

5.6 5.6.1 C√/Umakhelwane kaMbhele.√

5.6.2 D√/Ubugebengu.√

5.6.3 A√/Indaba isesicongweni.√

5.6.4 B√/Unodlame. √ (4)

5.7 OKUKODWA kulokhu okulandelayo:

- Izigameko zomdlalo weshashalazi zihlelewe ukuba umbukeli azibonele yena ngokwakhe okwenzekayo kanti kulona wokufunda umfundi wakha isithombe nje emqondweni ngalokho akufunda encwadini.√√/
- Umdlalo weshashalazi uqoqekile ngokwendawo lapho kwenzeka khona indaba, ngakho akulula ukuba ugcogcome kanti owokufundwa wona ukhululekile ngokwendawo, umdlali ungamthola eThekwini uphinde futhi umthole eGoli ngaphandle kwenkinga.√√/
- Umdlalo weshashalazi uqoqekile ngokobude besikhathi osithathayo, ngeke wakhula nomdlali kusukela ekuzalweni kwakhe aze abe yikhehla noma isalukazi kanti owokufundwa wona ukhululekile ngoba asimboni umdlali kepha konke kutholakala ngokufunda kuphela bese kwakheka isithombe emqondweni womfundi.√√/
- Kunezinto ezingeke zakwazi ukuletheka eshashalazini njengamabhubesi, isitimela, ibhanoyi nokunye kepha emdlalweni wokufundwa akunankinga lokhu ngoba konke okwenzekayo kutholakala ngokufunda nje kuphela bese kwakheka isithombe sakho emqondweni womfundi.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UDlamini nguye owathatha imali eyayifihlwe nguSonto ngaphandle kwegceke likaMbhele, okuyikho okwakhulisa isixakaxaka. √/
- UDlamini wayebona konke okwakwenzeka kwaMbhele uma uMbhele esemsebenzini, wabe esetshela uMbhele ukuthi akaqaphele. √/
- Nguye owaxwayisa uMbhele ukuthi impilo yakhe isengcupheni ngoba ebona abafana abahlala bengena emzini wakhe uma engekho. √/
- UMbhele nommeli uNtshangase babecashe kwaDlamini belinde ukubona abafana ababeshiwo nguDlamini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

5.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwakungaba nokuphazamiseka ezifundweni zakhe kwazise wayesezofunda endaweni angayijwayele. √/
- Kwakuzomphazamisa ngoba kwakungenzeka ukuthi isikole esisha sisemuva noma siphambili kakhulu ngezifundo kunalesi aphuma kuso. √/
- Wayezolahlekelwa abangani ayesebazi. √/
- Wayezoba nengcindezi/ukhwantalala ngoba engasahlali nabazali bese kumenza angenzi kahle esikoleni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Incwadi yefa iyasiza ngoba yenza ukuthi izifiso zomnikazi wefa zenzeke njengokufisa kwakhe, njengoba uMbhele ayefisile ukuthi lingabiwa ifa lakhe kuze kutholakale ababulali bakhe uma efe ngokungaqondakali.√/
- Incwadi yefa yenza ukuthi ifa lomnikazi lingaweli ezandleni ezingafanele, lalingawela kuSonto kanti nguye ongumbulali.√/
- Ifa labiwa ngendlela efanele lenelise bonke okufanele bahlomule, kuleli likaMbhele uSonto wayengeke athole lutho.√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

5.11 Wayengenayo imali./ Yalahleka/ Akayitholanga lapho ayeyifihle khona/ yantshontshwa nguDlamini.√ (1)

5.12
- Bahilizisana ngoba uSonto wayefuna ukungena ngenkani kodwa umseshi wathi akathandaze emi ngaphandle.√/
- USonto wayelokhu ethetha ebuza ukuthi umthetho onjani lo ovimbela abantu ukuthi bathandaze. √/
- USonto wacasuka wasabisa uNhleko ngokuthi uzombika kubaphathi ngokumenqabela ukungena ewodini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

5.13 Imiyalelo yokwenzeka enkundleni yiyona ecacisela kabanzi umfundi wencwadi ngesimo sabalingiswa, indlela abethula ngayo inkulumo, iminyakazo abayenzayo nokunye njengoba sibona kulesi siqeshana, umyalelo wokwenzeka enkundleni ocacisa isimo sikaSonto lapho ekhuluma nonina uMaMkhize othi *(Ngokucikeka)*.√√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.14 Kwaholela ekuthini uSonto angalitholi ifa ayethembe ukuthi uzolithola uma ebulala umyeni wakhe uMbhele. √√ (2)

5.15 Uvuthondaba lutholakala lapho uNhleko ebamba uMthofi noToronto bezungeza umuzi kaMbhele, bawakhipha wonke amaqiniso ezimfihlo zikaSonto. √√ (2)

5.16 Imibono iyokwehluka.

**Abathi bayavumelana bayothi**:

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kujwayelekile ukuthi umuntu ongenaso isitifiketi somsebenzi azame izindlela ezingalungile zokuziphilisa. √/
- Abanye bayashesha ukukhipha umphefumulo uma nje bethenjiswe imali, njengoba uMthofi ayebulala ephindelela. √/
- UMthofi akakaze ezwakale ekhuluma ngokuyofuna umsebenzi kodwa zonke izigameko atholakala kuzo emdlalweni zingezobugebengu. √/
- Kujwayeleke ukuthi umuntu onamathuba okuqasheka, azicabangele ngekusasa lakhe aphile impilo eqondile. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Abathi abavumelani bayothi**:

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Baningi abantu abenza ubugebengu befundile. √/
- Ukungawutholi umsebenzi ufundile kungamholela umuntu ebugebengwini. √/
- Ukukhulela endaweni enobugebengu kuyamenza umuntu ukuthi naye abenze ngisho efundile. √/
- Abanye abantu bazalwa benomthambo wobugebengu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangiyokwethembeka kumkami ngingabi naye umuntu engihlekisana naye. √/
- Ngangiyovula umqondo ngimbhekisise uSonto ngoba zazikhona izinkomba zokuthi akathembekile, njengesizathu asinikeza uMbhele ngesikhathi embuza ngabafana abaphuma kwakhe bebaleka. √/
- Emva kokuqwashiswa nguDlamini ngoSonto ngangingeke ngisamazisa ngezindlela zami zosuku. √/
- Ngangingeke ngimthinte uSonto uma ngibona imoto engilandelayo, kunalokho ngabe ngathinta amaphoyisa. √/
- Ngangingathola onogada/abaqaphi ababezongiqapha ubusuku nemini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThenjiwe wayegane uSikhumbuzo insizwa yakwaZungu. √/
- UThenjiwe wangenwa uDumisani enye insizwa yakwaZungu. √ (1)

6.2 Uthi angavumi ukwenza lokhu okushiwo abasemzini ukuthi angenwe uDumisani. √ (1)

6.3 Abantu bavele bacabange ukuthi wawuvele ubabhangqile abafokazi labo. √√ (2)

6.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Emuva kokushona komyeni wakhe uSikhumbuzo, uThenjiwe wayefisa ukubuyela kubo. √/
- AbakwaZungu babengafuni ukumdedela. √/
- Babefisa ukuthi angenwe nguDumisani. √/
- Bathi uma ehluleka yilokho uThenjiwe bayocela imali yabo yelobolo. √ (2)

6.5 C√/Ukuxakeka. √ (1)

6.6.1 C√/OwakwaMondise. √

6.6.2 D√/Isiko nelungelo. √

6.6.3 A√/Indaba isesicongweni. √

6.6.4 B√/Umngani kaThenjiwe. √ (4)

6.7 OKUKODWA kulokhu okulandelayo:
- Izigameko zomdlalo weshashalazi zihlelewe ukuba umbukeli azibonele yena ngokwakhe okwenzekayo kanti kulona wokufunda umfundi wakha isithombe nje emqondweni ngalokho akufunda encwadini.√/
- Umdlalo weshashalazi uqoqekile ngokwendawo lapho kwenzeka khona indaba, ngakho akulula ukuba ugcogcome kanti owokufundwa wona ukhululekile ngokwendawo, umdlali ungamthola eThekwini uphinde futhi umthole eGoli ngaphandle kwenkinga.√/
- Umdlalo weshashalazi uqoqekile ngokobude besikhathi osithathayo, ngeke wakhula nomdlali kusukela ekuzalweni kwakhe aze abe yikhehla noma isalukazi kanti owokufundwa wona ukhululekile ngoba asimboni umdlali kepha konke kutholakala ngokufunda kuphela bese kwakheka isithombe emqondweni womfundi.√/
- Kunezinto ezingeke zakwazi ukuletheka eshashalazini njengamabhubesi, isitimela, ibhanoyi nokunye kepha emdlalweni wokufundwa akunankinga lokhu ngoba konke okwenzekayo kutholakala ngokufunda nje kuphela bese kwakheka isithombe sakho emqondweni womfundi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UMaNzuza wazama ukududuza uThenjiwe ngesikhathi ehlangana naye ebaleka emzini. √/
- Wambonisa ukuthi ukungenwa kuyisiko elaziwayo endaweni. √/
- Wabasola abakwaZungu ngendlela abayethula ngayo indaba yesiko lokungenwa kuThenjiwe. √/
- Wakhombisa ukuzwelana noThenjiwe ngesikhathi uMaMbatha ethetha ebiza uThenjiwe ngomdlwembe. √/
- Wakhulumela uThenjiwe ukuthi bamdedele avakashele ekhaya kubo uma ethanda. √/
- Wathi uzommema eze kwakhe bazoxoxa ngesiko lokungenwa ngesikhathi esifanele. √ (3)

6.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwaba kuhle ngoba ilobolo alizange lisaphindela emuva. √/
- UThenjiwe akazange aboshelwe ukufakela uDumisani ushevu. √/
- UThenjiwe noDumisani bagcina sebehlelisene kahle bagcina sebeshadile. √/
- Ubuhlobo phakathi komndeni wakwaZungu nowakwaMondise baba buhle. √/
- Ukuvuma kukaThenjiwe ukungenwa kwenza ukuba abakwaMondise bagweme ihlazo lokuthi indodakazi yabo ibuye emendweni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Uma insizwa nentombi bethandana befisa ukushadana babikela abazali, kuqale amalungiselelo okucela isihlobo esihle njengoba kwenzeka nasemndenini kaMondise nokaZungu. √/
- Uma kukhona okwenzekile emndenini owodwa, umndeni omunye uyabikelwa njengoba uMaMbatha wahamba wayobikela umndeni kaMondise ngokugwazwa kukaDumisani. √/
- Uma kuba khona inkinga kwabashadene abalingani bayangenelela bazame ukuxazulula inkinga njengoba baxazulula indaba kaThenjiwe owayesezame ukufakela uDumisani ushevu.√/
- Abalingani bayabuqinisa ubuhlobo, umshado kaDumisani noThenjiwe wajatshulelwa yizinhlangothi zombili. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

6.11 Basejele lapho kuboshwe khona uSipho. √ (1)

6.12 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UDumisani wabamba uThenjiwe efuna ukukhuluma naye ngenkani.√/
- UThenjiwe washaya uDumisani ngetshe ekhanda. √/
- UDumisani wakhahlela uThenjiwe esiswini. √/
- USipho wakhipha ummese wagwaza uDumisani engalweni. √ (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.13 Imiyalelo yokwenzeka enkundleni iyona ecacisela kabanzi umfundi wencwadi ngesimo sabalingiswa, indlela abethula ngayo inkulumo, iminyakazo abayenzayo nokunye njengoba sibona kulesi siqeshana, umyalelo wokwenzeka enkundleni othi, *(Limemeza)* lapho kucaciswa khona indlela iphoyisa elatshela ngayo uSipho noThenjiwe ukuthi sesiphelile isikhathi sabo sokuxoxa.√√ (2)

6.14 Kwaholela ekuthini uSipho agwetshwe kalula ngendlela engamgculisi ngoba wayengenaye umuntu ozomfakazela kulokho ayekusho. √√ (2)

6.15 Uvuthondaba lwalo mdlalo lulapho uThenjiwe eseshintshe umqondo esevuma ukugana uDumisani engasenayo enye indlela ngoba wayethenjiswe ijele ngokuzama ukubulala uDumisani. √√ (2)

6.16 **Abayavumelanayo bayothi:**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwakungamele angene izindaba zakwaZungu, uma kunenkinga kwakumele ilungiswe uMondise noZungu.√/
- UNondumiso wayeseshadile ngakho-ke kwakumele angazingeni izindaba zasemzini kadadewabo.√/
- UNondumiso kwakufanele aluleke uThenjiwe ngasese angayi emzini wakwaZungu.√/
- UNondumiso wayeyikhohlwa indawo yakhe ngoba wayeqophisana noMaMbatha.√

**NOMA**

**Abangavumelani bayothi:**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayesiza udadewabo owayesenkingeni yokuhlukunyezwa ngenxa yesiko lokungenwa.√/
- Wayezama ukuletha ukuzwana nesixazululo lokhu kwakumphoqa ukuthi aye emzini wakwaZungu.√/
- Uma uNondumiso efike kwaZungu, uMaMbatha wayengamamukeli kahle, lokhu kwakwenza ukuthi bagcine sebeqophisana ngamazwi.√/
- UMondise wayengaluthatheli phezulu udaba lokuhlukunyezwa kukaThenjiwe, ngakho-ke uNondumiso wayephoqwa isimo ukuthi angene agamanxe kulolu daba.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.17 Izinto EZINTATHU kwezilandelayo:

- Ngangingalungisa ulimi kuthi uma ngikhuluma ngingakhulumi amagama amabi komunye umuntu, ikakhulukazi kuThenjiwe umakoti wakwakhe njengoba ayembiza ngomdlwembe. √/
- Ngangingamlalela omunye umuntu uma ebeka uvo lwakhe njengoba uMaMbatha engakwazi ukuhlonipha isifiso sikaThenjiwe. √/
- Ngangingakugwema ukuxosha uNondumiso uma ezokhulumela udadewabo. √/
- Ngangingalalela uManzini njengenhloko yekhaya njengoba ayezama ukumtshela ukuthi leli siko lidinga ukuhlolisiswa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

**UMBUZO 7**

7.1 **'WAKUBONA WAKUBELETHA' – MT Mkhize**

**ISIQESHANA M**

7.1.1 Wamfica esitaladini√/emgwaqeni.√/eThekwini√ (1)

7.1.2 Wayazi ukuthi naye ungomunye walabo bantu abake basizwa nguCele.√ (1)

7.1.3 Lawo magama kaCele angihlaba.√ (1)

7.1.4 Amabhasi√ nezitolo. √ (2)

7.1.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Isingeniso sale ndaba siqoqekile.√/
- Isingeniso siyashesha ukumveza umlingiswa omkhulu okunguBekezela nenkinga abhekene nayo.√/
- Isizinda siyasithola esingenisweni okuyisikhathi samanje endaweni yasedolobheni. √ (2)

7.1.6 Yebo siyahambelana:
UBekezela wakwazi ukusiza uCele ngoba naye wayemsizile phambilini.√√ (2)

7.1.7 OKUKODWA kwalokhu:
Isifundo kule ndaba ukuthi:
- Ukusiza omunye umuntu ukuzibekela ngoba naye kungenzeka akusize ngelinye ilanga.√ UCele wasiza uBekezela engazi ukuthi naye ngolunye usuku uyoludinga usizo lwakhe. √
- Ungamethembi umuntu ubothemba itshe. √ UCele wathi uma esephuma esibhedlela wathola ukuthi unkosikazi wakhe nezingane abasekho lapho ayebashiye khona.√ (2)

7.1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UCele wasiza uBekezela nabantu ayesebenza nabo ngaphandle kokulindela ukubongwa noma inzuzo ngalokho.√/
- USonhlalakahle wakhombisa ubuntu ngoba akazange ayintshontshe imali eyayishiywe uCele. √/
- UBekezela naye wakhombisa ubuntu ngokuvuma ukuthwala izindleko zomngcwabo ngaphandle kwenkinga. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi okuhambisana nendikimba.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.1.9 Izimpendulo ziyokwehluka
Abathi babezomeseka bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngangingameseka ngoba uCele wake wamsiza uBekezela esikhathini esingaphambili.√/
- Ngangingazama ukwehlisa umoya ngingabi nolaka ngamukele isimo esesivelile esibhekene nomyeni wami. √/
- Ngangingameluleka ukuthi angenzi umngcwabo ozodla kakhulu imali.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

Abathi babengeke bameseka bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu abangenabani bavamise ukungcwatshwa uHulumeni.√/
- Kwakungenzeka uBekezela angene enkingeni uma izihlobo zikaCele sezifuna isidumbu sakhe.√/
- Ngangingeke ngivume ukuthi asebenzise imali yokufeza izidingo zasekhaya ukungcwaba uCele.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.1.10 Izimpendulo ziyokwehluka
Abathi yebo kungenzeka, bayothi:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ubuntu abusekho, abantu sebengenza noma yini ukuze bathole imali. √√/
- Uthando lweqiniso alusekho sekuqhutshwa imali phambili.√√

**NOMA**

Abathi cha ngeke kwenzeke, bayothi:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwakuzoba nzima ukuthi umndeni kaCele udayise izinto zakhe ngaphandle kobufakazi bokuthi usadlula ngempela emhlabeni. √√/
- Kwakuyoba nzima ukuthi izingane zikaCele zibe yingxenye yaleli tulo lokuqola ubaba wazo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2 **'UXOLO' – Sicelo Zimema**

**ISIQESHANA N**

7.2.1 UMtolo.√ (1)

7.2.2 Yingoba wayeziqinisile uS'kebhe kungelula ukuthi bamthole.√ (1)

7.2.3 B√/Ekuseni kakhulu. √ (1)

7.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwathi bezoqala ukusebenza njengenjwayelo osomatekisi bafica izinkukhu ezimnyama zilenga ezigxotsheni ezinamagama ezindawo lapho izimoto zilayishela khona. √/
- Zonke zazinganqunywanga kodwa zazijijwe izintamo. √/
- Zazikleliswe njengamafolosi emizila yonke yaselenke. √/
- Abagibeli babedlula kuzo lezi zinkukhu.√/
- Osomatekisi bazehlisa izinkukhu base beqhubeka nokusebenza.√ (2)

7.2.5 Ngesikhathi uMtolo esemzini kaS'kebhe, uS'kebhe esangene kwelinye ikamelo, uMtolo wafikelwa ukuthi akavele ahambe engasavalelisanga kodwa wabuye wazikhuza. √√ (2)

7.2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wafuna ukuziphindiselela kubantu ababeshise izimoto zakhe.√/
- Waba nenzondo enkulu.√/
- Wayesezoqala kabusha aphembe umsebenzi wakhe wamatekisi.√/
- Wathutha lapho ayehlala khona wayozihlalela lapho ayesapholisa khona ikhanda emva kokushiselwa zonke izimoto zakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- US'kebhe uvezwe njengomlingiswa onenhliziyo embi, wakhiphela uMtolo iphepha elinamagama abantu ababesazobulawa.√/
- Ungumlingiswa okholelwa ekuziphindiseleni, emveni kokusha kwamatekisi akhe wahamba wanyamalala elenke kanti kuzosala kube khona abafayo.√/
- Ungumlingiswa obukeka engasukeli muntu kodwa onenhliziyo esheshayo ukuhluthuka bese enza asekucabangile okuzomelapha emphefumulweni. √/
- Akafihli uma ephatheke kabi, wakhombisa uMtolo ukuthi ungunombolo bani ohlwini lwamagama abantu ababezobulawa.√/
- Akaxoli nhlobo uma umenze kabi, wakugcizelela kuMtolo ukuthi inhliziyo yakhe igcwele amahlule egazi ngendlela ayephatheke kabi ngayo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abacabangelani ngemizila abayihambayo uma belayisha abantu. √/
- Yilowo nalowo ufuna kulayishe eyakhe imoto kaningi ngosuku.√/
- Bayabulalana uma bekubona uthuthuka uba nezimoto ezingaphezu kweyodwa. √/
- Bayalwisana nalaba bezimoto ezincane uma bebafica belayisha abantu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.2.9 Siyahambelana
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMtolo wazama ukuyocela uxolo kuS'kebhe nakuba wayengenasiqiniseko sokuthi uzoluthola. √/
- Kuyavela endabeni ukuthi uxolo akusiyona into eza kalula nje kwabanye abantu, ihambisana nemigomo nemibandela. √/
- UMtolo wayesenkingeni yokuyocela uxolo olumsulwa kuS'kebhe kodwa wahlangabezana nenkinga. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
Abazwelana naye bayothi:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Wayephoqwe isimo sokusebenza nabantu ababengamkhethisi kodwa bemphoqa ukuthi abe kanye nabo kuboshwa itulo lokushisa izimoto zikaS'kebhe. √/
- Wayengeke akwazi ukuyotshela uS'kebhe ngokwakuzokwenzeka ezimotweni zakhe ngenxa yengcindezi ayenayo.√/
- Kwakungelula ukuxebuka kulaba ayenabo elenke ngoba babezombuka ngamanye amehlo noma naye bambulale. √/
- Kungenzeka ukuba wayesabela impilo yakhe nomndeni wakhe waze wavuma ukungena kulobu bubi angena kubo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**NOMA**

Abangazwelani naye bayothi:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Wayengayeka elenke ahambe ayofuna omunye umsebenzi ongenabo ubungozi. √/
- Wayenalo ilungelo lokwenqaba uma engahambisani nesinqumo esasithathwa ngozakwabo.√/
- Wakhombisa ukungawucabangeli umndeni wakhe ngokuvuma ukuzifaka enkingeni enkulu kangaka.√/
- Wayenganyenya, aye emaphoyiseni ayowabikela ngetulo elaliboshwa ngozakwabo elenke.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

**UMBUZO 8:** ***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA*** **– EJ Mhlanga no JJ Thwala**

8.1 **'IZIMOMONDIYA' – ZB Gama**

8.1.1 Ngizibonile ezinhle kakhulu √
Ngisho amankisimane ansundu√ (2)

8.1.2 bondlebe zikhanya ilanga.√ (1)

8.1.3 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Amantombazane anolwazi olusabalele lokusebenzisa ubuchwepheshe besimanjemanje.√/
- Amantombazane amahle asebenza ezihlalele phansi.√/
- La mantombazane aneminwe esheshayo kwezobuchwepheshe.√ (2)

8.1.4 Ibuye emuva, iye phambili. √√ (2)

8.1.5 Ikhompuyutha. √ (1)

8.1.6 Okomfaniswano wezingane zesikole.√√ (2)

8.1.7 OKUKODWA kwalokhu:
Isigqi sale nkondlo siyashesha√ ngoba:
- Imbongi iyancoma, ayidabukisi. √/
- Imigqa eminingi mifishane.√ (2)

8.1.8 Ngiyavuma ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Imbongi incoma ubuhle bezintokazi ezimnyama . √√/
- Incoma nendlela lezi zintokazi ezikhuluma ngayo ulimi lwesiNgisi. √√/
- Imbongi incoma ukuthi lezi zintokazi zinolwazi olujulile lokusebenzisa ezobuchwepheshe/ ikhompuyutha. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

8.1.9 <u>Umshini</u> okhuluma buthule
<u>Umshini</u>√ obuza buthule,
Ukuxhumana siqalo √
**NOMA**
Umshini okhuluma <u>buthule,</u>
Umshini obuza <u>buthule</u>,√
Ukuxhumana sigcino.√ (2)

8.1.10 Kubalulekile ukuthi abantu bafunde kabanzi ngezobuchwepheshe besimanjemanje. √√ (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2 **'KOMILE GEQE' – LMMS Madondo**

8.2.1 Ugagane √/Isanqawe √/usondela√ (2)

8.2.2 Ilirikhi √ Imbongi yedlulisa imizwa yayo ngesomiso esihlasele endaweni, iyabalisa ngezihlahla esezishile, imfuyo esiyondile nendlala esiqede abantu.√ (2)

8.2.3 Izinkomo√ (1)

8.2.4 C√/Indlala. √ (1)

8.2.5 Imbongi ihlose ukugqamisa/ukugcizelela ukuthi kwakuthuleke kanjani, kungekho nomncane umsindo.√√ (2)

8.2.6 Isomiso.√ ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Imbongi ikhuluma ngesomiso esesilethe indlala nezinkinga. √/
- Imbongi ikhuluma ngokuphazamiseka kwemvelo nezilwane ngenxa yesomiso esidalwa ukuguquguquka kwesimo sezulu.√/
- Izingane azisakwazi ukubhukuda ngokukhululeka emfuleni ngoba amanzi ashile. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi okuhambisana nendikimba.) (2)

8.2.7 Yingoba zazibulawa yindlala sezize zaphelelwa umfutho namandla okukhala. √√ (2)

8.2.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Bangathola izifo ezifana nesichenene.√/
- Bangaba nenkinga yesikhumba. √/
- Abanye bangabhajwa odakeni. √/
- Bangaphathwa isifo sokuhanjiswa isisu uma bebhukuda emanzini anodaka.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

8.2.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Isihloko sale nkondlo sihle futhi siyanemba ngoba siyahambisana nalokho okushiwo yinkondlo ngoba isihloko sithi 'Komile Geqe' kanti nayo inkondlo ikhuluma ngesomiso esidalwa ukuguquguquka kwesimo sezulu. √√/
- Imbongi iwakhethe ngobuhlakani amagama ewasebenzise esihlokweni sale nkondlo, uma ithi komile okusho ukuthi akusekho manzi, nokuthi geqe igcizelela indlela okwasekome ngayo. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**